


# NGABE uNKULUNKULU UKE AWUGUQULE YINI uMQONDO wAKHE NGEZWI LAKHE NA?

 Asikhothamise amakhanda ethu. Nkosi Jesu ethandekayo, sibuthene futhi eGameni laKho, ngokuba magange okukhulu kokuthululwa kwaMandla kaNkulunkulu aphilisayo ukusiletha ekuqondeni kwesikhundla sethu nendawo, nezibopho zethu, njengabantu ababiziweyo, sahlukani swa nezwe, sazinikela kuNkulunkulu. Siphe, Nkosi, kulobubusuku, ukuthi izibusiso zikaNkulunkulu zizosihola futhi zisiqondise ezintweni esizenzayo noma esizishoyo, ukuze kulethe ukuhlonishwa nodumo eGameni laKho. Amen.

<sup>2</sup> Ngiyajabula ukubuyela ebandleni kulobubusuku nokuba nani bantu abathandekayo. Futhi ngiyazi ukuthi kufudumele, kodwa ngisanda kushayela unkosikazi wami, ngicabanga ukuthi kungamashumi ayisishiyagalolunye nento lapho, amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlano noma amashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha noma okuthize, futhi kuthe ukufudumala kakhudlwana kunoma kunjalo lapha. Ngakho sengiyasejwayela isimo sezulu esifudumele manje. Ngakho, kodwa ngiyajabula kakhulu ukuba lapha etabernakele ngalesisikhathi sePhasika elimangalisayo.

<sup>3</sup> Futhi ngeke ngasho ukuthi ngizoxolisa ngalowo omude, uMlayezo omude kulokhu ukusa, kodwa ngi...Ubumude, bengingafuni—funi ukukhandla ukubekezela kwenu beseke ngiza kukho futhi kulobubusuku. Kodwa bengi—ngifuna uku—kufinyelelisa lowoMlayezo kini, ukuthi niyingxeny yalokhu ukuvuka. Niyabo? Futhi ningakhathazeki ngaWo, nhlobo, niyabo. Nje Ujabuleleni! Akukho-lutho, ndawo, okunganehlukana naWo; lutho; niphephe Phakade eMbusweni kaNkulunkulu. Lapho uNkulunkulu eseshaye ngesitembu uPhawu lwaKhe phezu kwenu, ninjalo kuze kube sekupheleni kwesiphetho.

<sup>4</sup> Uma uhulumeni ebeka uphawu phezu kwempahla, uloliwe ubeka isitembu emnyango, leyomoto ingeke yathikanyezwa ize ifike esiphethweni sayo.

Uma uNkulunkulu ebeka uPhawu lwaKhe phezu komuntu. NoPhawu lunguMoya oNgewe. Uma Ebeka uphawu kumuntu kanjalo, usehambe waya esiphethweni sakhe saPhakade. Akasobuye aphinde aze, aze abuyele emuva, nhlobo. Isizathu

khumbulani, abase-Efesu 4:30 kuthi, “Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enibekwe ngaye uphawu ngazo zonke izikhathi.” Niyabo, ubekwe uphawu kuze kube phakade. Ubekwe uphawu, Phakade, eMbusweni kaNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele. Manje cabangani ngalokho!

<sup>5</sup> Manje-ke, nina, udeveli uyonishaya ngesibhakela, futhi uyosho yonke into kini, futhi animangalele, futhi—futhi azame ukunenza nicabange ukuthi aninjalo. Kodwa ningamlaleli.

<sup>6</sup> Manje, niyazi nedlulile ekufeni nangena ekuPhileni. Niyazazi izinto enake nazithanda, anisazithandi. Niyazi ukuthi nilikholwe lonke iZwi likaNkulunkulu. Nimbonile uNkulunkulu esebenza phakathi kwethu ngqo, ngaphandle. . . Izifakaziso ezingenasiphosiso ukuthi Ungomkhulu u “NGINGUYE.” Niqaphelile ukuthi noma yini eke yashiwo eGameni laKhe, akukho neyodwa into eke yaprofothwa eGameni laKhe kepha yenzeke nje ncamashi ngendlela eyenza ngayo. Ngisho nakwisayense, iphephandaba, isithombe amakamera, ababhali, yonke enye into, idingeke ukuthi ikuqonde. Niyabo, kungakhathaleki noma ngabe bayafuna noma qha, uNkulunkulu ubenza bakwenze, noma kanjani, niyabo, ukukwenza kwaziwe.

<sup>7</sup> Manje, njengoba kuyiqembu elincane. Khumbulani, akusilona iqembu elikhulu Alizelayo. “Ningesabi, mhlambi omncane; kuyintando kaYihlo enhle. . .” Niyabo?

<sup>8</sup> Ngifuna ukunishiya nezwi, elethusayo, ngaphambi nje kokuba sibe nokugcotshwa komfundisi. Nalokhu kwethusa kakhulu, kodwa ukuze nje nazi. Manje, angisho ukuthi lokhu kuyiso qobo isibalo, kodwa ngithanda ukunishiya nalokhu.

<sup>9</sup> Angazi noma noma yibaphi abantu phakathi lapha sewake wakubona ukubhasteliswa kwezinkomo. Okungukuthi, angikholelwa kukho, kodwa ngike ngakubhekisisa kwenziwa. Futhi ngibabonile bethatha isidoda senkunzi, ukuba senele nje ukuthintwa ensimbini encane, njengothi lokuvungula oluncane, bese besibeka ocezweni lwemabula. Bese bephendula lezozingilazi ezenza into ibe nkulu, angazi ukuthi kukangaki, size sithi lesidoda. . .Lapho obungebone lutho ngeso lokwemvelo, noma yiyiphi ingilazi ejwayelekile. Kodwa uma sesenziwa sibe sikhulu, ikhulu noma ngokuphindwe ngekhulu namashumi amahlanu, ungabona kuleloconsi elincane elilodwa, lesidoda, mhlawumbe amashumi amahlanu kuya ekhulwini izimbewana ezincane ziqhashaqhasha. Futhi, ensikazini kuvela amaningi amaqanda, e—esidodeni. Manje, uma ku—kuhlanganiswa ndawonye, manje, okokuqala okubili okuhlanganayo futhi kuxhumane. . .

<sup>10</sup> Yinye kuphela kulesosigidi ezophila. Senake nacabanga ngalokho na? Ziyimbewana efanayo, neqanda elifanayo, kokubili kuyafana nje, kodwa yinye kuphela ezophila.

Futhi lokho akunqunywa ukuthi yiyiphi efinyelela lapho kuqala. Ngoba, ngesinye isikhathi iqanda, emuva le ngemuva, nembewana ingahle ibe phezulu phakathi nesidoda, futhi ziyochusha ngaphezu kwenye nenye. Kuthatha uBuhlakani ukwazi ukuthi ngabe kuzoba ngumfana noma intombazane, enekhanda elibomvu, noma ikhanda elimnyama, kumbe noma yini. Ngukukhetha kukaNkulunkulu. Kungebe lutho olunye. Ukukhetha!

<sup>11</sup> Ngisho nasekuzalweni kwemvelo, ngukukhetha, noma ngabe kuzoba ngumfana noma intombazane, kumbe noma ngabe kuzoba yini. Futhi uma leyombewana iyaluza ingena kuleliqanda elincane, nemisidlana iqathaka, kuqala umgogodla wengane wanoma yikuphi eyikho kamuva; isilwane, ingane, kumbe noma ngabe yini. Nezinye zalezozimbewana eziyisigidi... Amaqanda ayisigidi, izimbewana eziyisigidi, futhi yinye kuphela ephilayo. Zonke ziyafana, kodwa uNkulunkulu ukhetha ngokukhetha ukuthi yiyiphi ezophila, nazo zonke ezinye ziyabhubha. Eyodwa esigidini!

<sup>12</sup> Ngenkathi uSrayeli esuka eGibhithe, bonke babekholwa ngumlayezo owodwa womprofethi. Bazibona izibonakaliso zikaNkulunkulu, ngoMose, Bonke bazibona. Futhi ngamunye baphuma eGibhithe, futhi bahamba badabula oLwandle oluBomvu, futhi wabhaphathizwa kuMose. Ngamunye wawabona amandla kaNkulunkulu emshaya, ngenkathi ehlabela eseMoyeni; nangenkathi uMiriyamu eshaya isigujana itamborini, egijima ehla enyuka nogu. Ngamunye wabo, bonke ubusuku, bedla esentsha, imana yasezulwini evela ezibhakabhakeni. Ngamunye walabo waphuza kuleloDwala lokomoya elashaywayo. Futhi kwakukhona abantu abayizigidi ezimbili abasuka eGibhithe. Bangaki abafinyelela ezweni lesithembiso na? Babili. Oyedwa esigidini! Baphi bonke na? UJesu wathi babhubha. "Oyihlo badla imana ehlane, okwesikhathi esiyiminyaka engamashumi amathathu, futhi Ngiyasho kini ukuthi bonke bafile."

<sup>13</sup> Manje kukhona cishe amaKristu ayizigidi ezingamakhulu amahlanu ezweni kulobubusuku, kubalwa iKatolika, iProtestane, nawo onke. Uma uJesu engahle afike kuloloHlwitho, ngokwalokho engisanda kukusho, bekungabakhona amakhulu amahlanu alahlekayo ezweni kulobubusuku, angene oHlwithweni. Futhi mhlawumbe anjalo nsuku zonke, kubalwa onke amazwe, elingakaze abalwe. Ngakho kungaba nganoma yisiphi isikhathi, niyabo.

<sup>14</sup> O, maKristu, masibophe ngeshaspele izikhali zikaNkulunkulu. Masenze konke lokho esaziyo ukuthi kanjani, ukuba siMkhonze, siMthande, futhi silinde lesosikhathi esikhulu.

<sup>15</sup> Manje, akuzukubakhona izigidi ezinkulu nezixuku eziphuma esizukulwaneni futhi zimashe zingene. Ngeke za—ngeke zabakhona.

Manje, khumbulani, usuku ngalunye luqeda isizukulwane, usuku ngalunye. “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho okwasindiswa khona imiphefumulo eyisishiyagalombili ngamanzi.” Kodwa usuku ngalunye luqeda isikhathi seminyaka engamashumi amane omunye umuntu, kwabanye. Niyabo? Futhi usuku ngalunye, abaningi kakhulu babekwa uphawu eMbusweni. Ngolunye usuku, usuku lokugcina luyofika.

Asiqiniseke manje, sisaphila engqondweni yethu. Nasebandleni, naphakathi kwabantu, lapho uMoya oNgcwele uzibandakanye Wona uqobo kakhulu nathi, asiqiniseke ukuthi yonke into ikahle, futhi sihlale kahle, phambi kwaKhe.

<sup>16</sup> Ningami. Ningaphumuli, imini nobusuku, aze lawoMandla aphilisayo asenilethe nisuka kuzo zonke izinto zezwe, ningene eMbusweni kaNkulunkulu. Nani ngokweqiniso enilethwa ningeniswa eMbusweni kaNkulunkulu futhi naphiliswa nguMoya kaNkulunkulu, nijabule kakhulu kanjani pho! Nezinyembezi zenjabulo sifanele ngabe siguqe ngamadolo ethu, imini nobusuku, sibonga uNkulunkulu ngalokho Akwenzile.

<sup>17</sup> Kulobubusuku sinoguquko oluncane enkonzweni. Sinomfowethu okahle lapha, uMfowethu Capps. Uza kithi evela ebandleni lamaNazarin. Futhi ngicabanga ukuthi kunjalo, Mfowethu Capps? Ufisa kulobubusuku ukugcotshwa yithina, ngokubekwa izandla.

<sup>18</sup> Asinamaphepha ukuwanika noma ubani, nokho siyaziwa njenge... Besingaba nawo amaphepha, kodwa sikholwa ukuthi owangeqiniso, umfundisi ogcotshiwe, amaphepha akhe aseZulwini. Niyabo? Futhi u—unamalungelo ukushumayela iBhayibheli inqobo nje uma uNkulunkulu ebandakanya impilo yakhe neBhayibheli. Sikholwa ukuthi lokho yizincwadi zakhe ezimchazayo.

<sup>19</sup> Futhi, manje, uMfowethu Capps ugcotshwe ngokusemthethweni e—ebandleni lamaNazarin, kodwa kulobubusuku ufuna amalunga, kanjalonjalo, ukuba abeke izandla phezu kwakhe ukuba agcotshwe, ukuba athwale loMlayezo. Into ewubuqhawe kanje pho!

<sup>20</sup> Ngi—ngiyizwile imibiko selokhu ngibe seTucson, nemibiko emihle kabi, kaMfowethu Capps lapha osizweni lwakhe kuMfowethu Neville, obambe ikhandlela lokuKhanya ngobuqhawe nje njengoba lawa indoda amabili engalibamba. Sibeke izandla phezu kukaMfowethu Neville, kodwa hhayi phezu kukaMfowethu Capps. Futhi ngifuna labo abangabefundisi, uMfowethu Jackson nabanye, uma bekhona, noMfowethu Ruddell namalunga ebandla lapha, uma

bezokhuphukela lapha imizuzu embalwa nje manje, futhi sibeke izandla phezu kukaMfowethu Capps. Ne... .

<sup>21</sup> Manje sithola ukuthi, eBhayibhelini, ukuthi leyo yindlela ababekwenza ngayo, babeka izandla phezu kwabo bese bebehlukanisa-ke. Futhi yileyo ndlela abenza ngayo uThimothewu. Bathi, “Ngalesisipho esasikuwe, kusukela kunyokokhulu uLowisi...” Babekuqaphelile, ukuthi kwakukhona isipho endodeni, sasifike kuyo ngamagosa, ngokubeka izandla.

<sup>22</sup> Manje, abazalwane bamuva, abazalwane bemvula yamuva, bathola, nokho, lokho kuxutshanisiwe. Babecabanga ukuthi bamupha isipho, ngokwenza lokho. Qhobo, isipho sasesivele sikuye, futhi babeka izandla zabo nje phezu kwakhe njengesivumo ukuthi babekholwa ukuthi uNkulunkulu wayesevele esifakile isipho kuye. Futhi basivuma, ngokubeka izandla.

<sup>23</sup> Nalamadoda lapha kulelibandla, engikholwa ukuthi lokho anakho emphefumulweni wawo naMandla aKhe aphilisayo; uma nina bafowethu nizokhuphuka nje manje, uMfowethu Ruddell nani nonke nina abanye olapha ebandleni, namalunga namabandla azalwa yileli azungezile, ukuba sibeke izandla phezu kukaMfowethu Capps, ukuze agcotshwe ngesivumo sethu, phambi kwalezizethameli, bese ethunyelwa ngaphandle ukuba ashumayele iVangeli leNkosi uJesu, noma yikuphi lapho uNkulunkulu angambizela khona. Uba... .

Usevele ungomunye wethu, ngokuZalwa. Ungomunye wethu ngoba ukholwe nguMlayezo. Ungomunye wethu ngenxa yokuthi—yokuthi umele iQiniso leZwi. Futhi sifuna uMfowethu Capps ukuba agcotshwe ngokusemthethweni, phambi kwenu, ngokubekwa izandla, ukuthi ungomunye wethu.

Kulungile, Mfowethu Ruddell, Mfowethu Capps, Mfowethu Neville, Mfowethu Junior Jackson, noma yimuphi wabefundisi lapha, angazi nje ukuthi bangaki okhona. Angi... Ngiqagele banezinkonzo zabo uqobo kulobubusuku. Abanye khona phezulu lapha, Mfowethu Capps.

Manje uphi uMfowethu Hunter nabanye abavela eNew York, ngi... Mfowethu Anthony? Ngiqagele babuyele emuva. [UMfowethu Neville uthi, “Nanguya uMfowethu Anthony emuva lapho.”—Umhl.]

Noma yimuphi wabenu abanye olapha, onathi, ngani, singathanda ngani ukuba nenyukele lapha futhi nime nathi manje, njengokuvuma ukuthi siyamkholwa uMfowethu Capps ukuthi ungu... .

Nibangaki enimaziyo uMfowethu Capps, phakamisa isandla sakho. Kulungile, yehlisa isandla sakho. Bangaki abakholwayo ukuthi uyinceku kaNkulunkulu, phakamisani

izandla zenu. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Siyamthanda, njengomfowethu.

<sup>24</sup> Manje lena akusiyona ncamashi indlela eyiyo yalokho ebesingakubiza ngokugcotshwa, kodwa ngifuna lezizethameli... Angikwazi ukucula leliculo, kodwa ngifuna ningisize ngilizame. Ukuthi . . .

<sup>25</sup> Ngolunye’usuku umprofethi wehlela ealtare, ethempelini. Futhi ngenkathi eselapho ethempelini . . . Wayekade engumuntu olungileyo, kodwa wayekade nje ecamele ezingalweni zikaUziya inkosi, futhi wayengu—wayengumuntu olungileyo. Kodwa nokho, ngolunye’usuku, ethempelini, wabona into ethize, ngenkathi ehlelwa wumbono, ayengakaze ayibone ngaphambili. Wabona iziNgelosi, zinamaphiko, zindiza ziya emuva naphambili, endlini, zimemeza, “Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla!” Wozani, bazalwane. Ya. Niyabo? “Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla!” Ben . . . Niyabo?

<sup>26</sup> Futhi ngenkathi ikwenza, izinsika zethempeli zagudluka. Futhi wathi, “Maye kimi! ngokuba ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile.” EBukhoni bukaNkulunkulu wavuma, ukuthi ngisho nakuba engumprofethi, wayekade enephutha. Wathi, “Ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingacolile.”

<sup>27</sup> Nenye yeziNgelosi yandiza, yase ithatha ilahle loMlilo yase ithinta izindebe zakhe, yase ithi, “Profetha, ndodana yomuntu!”

Ungasinika indlela kulelo, dadewethu, uma uthanda. Bangaki olaziyo leliculo na? Asithi, ivesi elilodwa. Kulungile.

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,  
Limenza mhlophe qwa,  
Lapho iphimbo likaNkulunkulu lithi,  
“Ngubani oyakusiyela na?”  
Khona waphendula, “Nangu mina, thuma  
mina.”

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .  
khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngiyoKuphendula  
ngokushesha;  
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngiyophendula, “Nkosi, thuma  
mina.”

Izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni;  
Lalela ukukhala kwabo okudabukileyo  
nokumunyu;  
Sheshani, bazalwane, sheshani nibophule;  
Ngokushesha phendula, “Nkosi, nangu mina.”

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
 Khuluma, futhi ngiyokuphendula  
 ngokushesha;  
 Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
 Khuluma, futhi ngiyophendula, “Nkosi, thuma  
 mina.”

Amalunga awahambe azungeze manje futhi abeke izandla phezu kukaMfowethu Capps. Sonke asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>28</sup> Nkulunkulu othandekayo, izinsika zethempeli sezizamazamile futhi, futhi njengoba kubonakala uMoya wokuPhila okuphilisayo usebenza kumfowethu. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba ekuzwa lokhu kuvela Phezulu, okuthi ufanele ahambe. Sibeka izandla phezu kwakhe, njengamalunga aKho, Nkosi, futhi simnika isandla sokunene senhlanganyelo; futhi sibeka izandla zethu phezu kwakhe, futhi sedlulisa izibusiso zikaNkulunkulu phezu kwakhe, ukuthi Uzogcoba izindebe zakhe, ukucabanga kwakhe, ubuyena bonke. Futhi kwangathi angathatha loMlayezo weVangeli awuyise kuzo zonke izimfa namakhona Ozombizela kukho. Sipe khona, Nkosi. SiKunika umfowethu, njengenceku yaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>29</sup> “Shumayela iZwi,” mfowethu osemncane. “Kuyisikhathi, nalapho kungesikhathi, sola, ukhuze, ngakho konke ukubekezela neMfundiso.” UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

<sup>30</sup> [UMfowethu Ben Bryant uthi, “Mfowethu Branham, ungangibeka izandla na? Bangangibeka izandla na? Ngithanda ukugcotshwa.”—Umhl.] Ngabe u...Beningazi ukuthi ubungakagcotshwa.

UMfowethu Ben, lapha, ufike kithi. Ngicabanga ukuthi sekunesikhathi eshumayela. Nokho, ngokomthetho ubengaka (bengicabanga ukuthi wayesegcotshiwe; yingalesosizathu ngimbizile ukuba enyuke) gcotshwa, noma izandla zabekwa phezu kwakhe.

<sup>31</sup> Manje, umkaMfowethu Ben ulapha ndawondawo, futhi ungumuntu othandekayo. Wayengumshumayeli wesifazane. Futhi ngenkathi yena nomfowethu beshada, futhi wamletha etabernakele, ngenkathi esebone futhi wezwa iZwi, nokho inenekazi elincane elihle nobuntu obuhle, kodwa lapho selibonile ukuthi kwakuyiphutha ukuba abesifazane benze lokho, wakubeka eceleni; futhi kwabonakala kwehlela phezu kwendoda yakhe. Lokho kuqinisile. Lobo ubuphostoli. Yileyonlela okufanele kube ngayo.

<sup>32</sup> UMfowethu Ben uthatha amateyipu, njengoba ngiqonda, nomkakhe. Bahamba bangene e re... ezindaweni okungafinyeleleki kuzo, emuva le ezintabeni, emenweni, futhi badlala lamateyipu futhi baphawule ngamateyipu. Izikhathi

eziningi bayaxoshwa, balahlelwe ngaphandle, baphoselwe ngaphandle. Sikulindele lokho. “Ngokuba bonke labo abaphila ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuhlushwa.”

<sup>33</sup> Bangaki lapha omaziyo uMfowethu Ben na? Bangaki omkholwayo ukuthi uyinceku kaNkulunkulu, [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] usifanele lesisibusiso esizomcelela sona kuNkulunkulu na? Niyabo, akasiso isihambi. Ube nathi iminyaka ngeminyaka. Ngimazi njengendoda ezithobile. Unjengami; wenza amaningi amaphutha. Sonke siyakwenza lokho. Engikuthandayo ngoMfowethu Ben, uyavuma ukugaqa ngamadolo akhe ukuba akulungise.

Futhi ngenkathi ezwa, ngeliny’ilanga, ngokuthi *uMshado NesaHlukaniso*, yena nomkakhe wayeselungiselela ukwehlukana, ngenxa yokuthi uyamthanda, naye uyamthanda, kodwa bafuna ukubambisana neZwi likaNkulunkulu. Noma yini okwakushiwo yiZwi, yilokho ababekufuna. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzombusisa uBen nomkakhe, enkonzweni yaKhe.

Asibeke izandla zethu phezu kukamfowethu.

<sup>34</sup> Nkulunkulu othandekayo, sibeka izandla zethu phezu kukaMfowethu Ben wakithi, ngesibonakaliso sokuthi siyamthanda. Futhi siyakholwa, Nkosi, ukuthi uyavuma ukuKwenzela umsebenzi, ukuba athunyelwe nalamateyipu, ukuba awadlale phakathi kwabanye abantu basezintabeni endleleni ezindaweni eziqhelile lapho mhlawumbe abanengi bethu abebengeke baze bafinyelele, kodwa nokho uMlayezo ufanele uye ezweni lonke. Sikhulekela ukuthi Uzombusisa umfowethu, futhi umuphe uMoya waKho, futhi kwangathi Ungehlela kuye. Futhi umhole, futhi umqondise nomkakhe kulezozindawo lapho mhlawumbe lowomphefumulo owodwa uphandle le lapho, neminyango ingeke yavalwa kuze ukuba leyomvu eyodwa isingenisiwe. Wena aweneliswa yizimvu ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye. I... Lonke igama eliseNcwadini lifanele lingeniswe. Basize, Nkosi, njengoba sibeka izandla phezu kwakhe, njengokumhlanganisa nathi njengomfowethu. Nosizo lwethu nomkhuleko obhekiswe kuye, uzohamba naye. Futhi sikhulekela ukuthi Uzombusisa, Nkosi, noma ngabe uyaphi. EGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, Mfowethu Ben! Isandla sokunene senhlanganyelo sisinika wena, njengabazalwane abangabefundisi. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

<sup>35</sup> [UMfowethu Earl Martin uthi, “Mfowethu Branham, ungangibeka izandla, ungigcobe ukuba ngisebenze njengomelusi na?”—Umhl.] John Martin . . . [“Earl.”] Earl.

Bangaki omaziyo uEarl Martin na? Bangaki omkholwayo ukuthi uyinceku kaKristu na? Uza kithi evela e . . . ngikholwa ukuthi i, ngokwasekuqaleni, uvela eqenjini lamaPentecostal,



futhi manje ngicabanga ukuthi uyelusa futhi wenza umsebenzi wokuzimela.

<sup>36</sup> Ngimaze uEarl eyinceku yangempela kaKristu. Angisoze ngasikhohlwa isenzo esisodwa, eziningi sibekhona, kodwa isenzo esisodwa noEarl. Ngiyakhumbula ngobunye ubusuku bambiza ngenkathi ngiseDallas, eTexas; noma ngi—ngiyakholwa, qhabo, kwaku...[Udade uthi, “EBeaumont.”] EBeaumont, eTexas, uqinisile, dade. Futhi ba—ba...Ingane yakhe yayilele, ifa, futhi babecabanga ukuthi yayisivele ifile. Yayingasaphefumuli. NoEarl wavula indlela ngasekamelweni lami, njengobaba, amahlombe agobayo, waqhotha phambi kwami, njengoba ngangisembhedeni. Waqaqeka; wangigaxa wayesethi, “Mfowethu, ngikhulwa ukuthi ungumprofethi kaNkulunkulu. Bengihlala njalo ngikukholwa lokho. Futhi uma nje uzokhuluma izwi, nakuba ingane yami isifile, nokho izophila.” Nengane yakhe yabuye yaphila, iyaphila.

<sup>37</sup> Niyakholwa ukuthi usifanele isandla senhlanganyelo salamakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Asikhuleke, bafowethu, njengoba simbeka izandla.

<sup>38</sup> Baba waseZulwini onomusa, sibeka izandla, futhi, phezu kukaMfowethu Martin. Siyamthuma, Nkosi, ezingxenyeni zonke Ozigcobile ukuthi ufanele aye kuzo; noma ngabe kukuphi, abaningi noma abambalwa, imivundlo, imigwaqo emikhulu, izintango, uma kuba yizo. Noma ngabe kukuphi, Nkosi, kwangathi izibusiso zaKho zingaba naye. Sibeka izandla zethu phezu kwakhe njengoba simfisela ukuphuthuma kwaKho futhi umuphe izibusiso zethu, ukuthi uMoya ophezu kwethu, Nkosi, kwangathi unгахamba naye, futhi uzomhola futhi umqondise aye emiphefumulweni elahlekileyo ephandle ezintangweni nasemigwaqeni emikhulu. Siyamthuma, eGameni likaJesu Kristu. Amen

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Martin. Hamba manje, neNkosi ibe nawe.

<sup>39</sup> Ngenhloso efanayo na? [UMfowethu Richard Blair ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] URichard yigama lakho na? [“Kunjalo. Richard Blair.”] Bangaki abamaziyo uRichard Blair na? Bangaki abamkholwayo ukuthi uyinceku kaNkulunkulu na? Uvela e—eqenjini lebandla leUnited Pentecostal.

Futhi mfowethu, uMfowethu Blair, ngiyalukhumbula ubizo olukhulu, lwakhe. Ngiyasikhumbula isikhathi lapho uMfowethu Blair wayengafuni, wayengafuni ukungikhulwa, ngenxa yokuthi kwakukhona umoya owawusebenza naye, umtshela ukuthi nganginamanga. Futhi kwathi ngenkathi esahlezi khona emhlanganweni, uMoya oNgcwele waguquka wase uwubiza. [UMfowethu Blair uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Futhi nje wayeselungele u—ukuhlakazeka, futhi yilokho okwamthola ekulesosimo.

Futhi ngiyamkhumbula umkakhe othandekayo engibiza ngoluny'usuku. Wathi, "Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi uRichard uzofa." Futhi wayene, ngiyakholwa, sikhafu. Wahamba futhi wasibeka kuye, njengoba ngangimcelile, futhi ngakhuleka. Nangu. [UMfowethu Blair uthi, "Amen."—Umhl.]

<sup>40</sup> Ingane encane yayikade isengozini, noma... [UMfowethu Blair uthi, "Umfana wami."—Umhl.] Umfana wakhe, engozini, ukuthi abayinikanga ithemba elingako, inokulimala kobuchopho ngenxa yokungqubuzeka. Futhi ngomkhuleko, nangefoni, ingane yasinda. ["Amen."]

Niyakholwa ukuthi uMfowethu Blair ungufakazi oqinisile kaKristu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nikhulekele ukuba izibusiso zihambe naye.

Bazalwane, mbekeni izandla zenu.

<sup>41</sup> Nkulunkulu othandekayo, ukubandakanya umfowethu onomusa nowaziwayo, inceku yaKho, ephume ngisho eqenjini layo uqobo, ukuba ihambe ekuKhanyeni. Baba, sikhulekela ukuthi Uzobusisa uMfowethu Blair wakithi, njengoba simthuma nezibusiso zethu nemvumelo yethu, ngezandla zethu phezu kwakhe, kunoma yikuphi lapho Ongambizela khona, Nkosi, kunoma yimuphi umsebenzi ongahle ube yiwo. Kwangathi uMoya waKho ungamhamba noMfowethu Blair. Mhole futhi umqondise kwabalahlekile nabafayo balelizwe, ukuze asize athole leyomvu elahlekile, ukuze ayibuyisele esibayeni. Noma ngabe ikuphi, noma ngabe yini Onayo ngaye, Nkosi, sicela nje ukuthi uMoya waKho umhole futhi umqondise ohambweni lwakhe lwempilo. Singabazalwane bakhe. Ekumnikeni isandla sokunene senhlanganyelo, sicela Wena ukuba uhambe naye, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Isandla sokunene senhlanganyelo! UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Blair. Sinawe, ngekhulu lamapesente, siyakukhulekela futhi sizokwenza noma yini esingayenza ukuba sikusize. UNkulunkulu akubusise.

<sup>42</sup> [UMfowethu Merlin Anthon uthi, "Kuyafana kimi, Mfowethu Branham, ekugcotshweni."—Umhl.] Uthini? ["Ukugcotshwa." Ungubani? ["Merlin Anthon."] Merlin Anthon. ["Ngisebandleni." Kuphi? ["Lapha ebandleni."] Ebandleni. Ukhona omaziyo uMfowethu Merlin Anthon? Musha, kimi. ["NgineSalvation Army. Uyangikhumbula?"] O, yebo. Ngiyaxolisa, mfowethu.

Uvela eSalvation Army, kunjalo, ngiyamkhumbula. Impela, sengiyamazi manje. Ngivele nje... Ubuso bakhe bebungabukeki bejwayelekile nje kimi ngaleyonkathi, ngalesisikhathi. Bangaki omaziyo ukuthi uyindoda kaNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki okholwayo ukuthi—ukuthi uNkulunkulu usebenza ngaye, phakamisa isandla sakho. ["Amen."] Ningamkhulekela na? ["Amen."]

<sup>43</sup> Manje, mfowethu, siyazi ukuthi uvela eqenjini elikhulu labantu, iSalvation Army, bangabantu abadumile. Kodwa, futhi, kodwa iSalvation Army yenza umsebenzi omkhulu phandle emgwaqeni. Ngeke sasho lutho olumelene neNazarene, ibandla lePentecostal, noma iSalvation Army, noma yiliphi lawo; angabazalwane bethu. Kodwa, niyabo, sikholwa ukuthi singabathwali boMlayezo omkhulu walo impela lelihora esiphila kulo. Uyafuna ukwenza lokho nathi na? [UMfowethu Anthon uthi, “Amen.”—Umhl.]

Asikhothamise amakhanda ethu sisabeka izandla zethu phezu kukamfowethu.

<sup>44</sup> Baba waseZulwini othandekayo, NguWe owenza ukubiza. NguWe ophilisa iZwi, ukuze bakwazi ukukholwa. Futhi sibeka izandla zethu phezu kukamfowethu oligugu, njengemvumelo ukuthi siyakholwa ukuthi Unaye futhi uzomsiza. Sithumela izibusiso zethu naye, ukuthi thina esikholwayo esedlulile ekufeni sangena ekuPhileni futhi manje sibambe Amandla aphilisayo ezinhliziyweni zethu, ngomusa kaNkulunkulu. Sibeka izandla phezu kukamfowethu wakithi futhi simthumela nezibusiso zethu, ukuthi Uzomhola futhi umphelekezele futhi umqondise kuyo yonke imifantu yomhlaba, Nkosi, Omgobele ukuba aye kuzo. Kwangathi uMoya waKho unгахamba naye futhi umuphe impilo, amandla, nempumelelo enkonzweni yakhe, ngokuba simthumela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>45</sup> UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Leso yisandla sokunene senhlanganyelo, uyazi, abafowethu bayamxhawula, abazalwane abanjalo. Ngakho lokho ukuthi u... Kulungile, iNkosi inibusise nonke.

<sup>46</sup> [UMfowethu Carrell uthi, “A—angikaze ngenziwe, ngokusemthethweni. Ngifuna ningibeke izandla, njengalabo, eGameni likaJesu.”—Umhl.] Wena, noma yini oyifisayo. Nokwakho... [“Isikhathi okuyiso, nanjengabo.”] Manje ungubani igama lakho na? [“UMfowethu Carrell, waseCincinnati.”] Mfowethu Carrell.

[UMfowethu Carrell uthi, “Ngangingumfundisi ogcotshiwe, kodwa ngangingavumelani nomfowethu owayegcoba abesifazane njengabefundisi, futhi kwadingeka ngehlukane nakho.”—Umhl.]

Lona nguMfowethu Carrell waseCincinnati. Ukhona owazi umfowethu Carrell, phakamisa esakho... UngowaseCincinnati, ngiyakungabaza, ukuthi ukhona owaziyo. Uthi wayekanye neqembu, neqembu lalifuna ukugcoba abefundisi besifazane. Akakumelanga, futhi kwadingeka ehlukane nabo.

Ngehlukana kanjalo impela—ke namaBaptisti ayiMishinari. Udokotela Roy E. Davis, bangaki abake bamuzwa na? Impela, namuzwa, niyabo. Wayefuna ukugcoba abanye abashumayeli besifazane, ngase ngithi, “Qha, mnumzane. Njengelunga,”

ngathi, “Ngeke ngakwenza lokho, ngokukanembeza. Kuphambene neZwi likaNkulunkulu.”

<sup>47</sup> Angikwazi, Mfowethu Carrell. Kodwa phezu kwezisekelo zobufakazi bakho, naleloQiniso olimeleyo...Asiphambene ngalutho nalabo besifazane. Bangodade. Siyabathanda. Kodwa sikholwa ukuthi banendawo yabo, nokuthi bafanele bahlale. Niyabo? Futhi siyakholwa ukuthi bangabathandekayo endodeni, umsizi. Futhi ngeke nhlobo...Sicabanga ukuthi bayisiphiwo esikhulu ukwedlula zonke, ngaphandle kwensindiso, uNkulunkulu ake asiphe owesilisa. Kodwa akanandawo epulpiti, ngokweZwi likaNkulunkulu. Phezu kwalezozisekelo, nokukholwa kwakho kuNkulunkulu, sibeka izandla phezu kwakho, njengenhlanyelo, ukuba uze uhambe nathi.

Asibeke izandla zethu phezu kwakhe.

<sup>48</sup> Baba wethu waseZulwini othandekayo! Lensizwa, cishe nje sengiyazi ukuthi izizwa injani. Ifuqelwe ngaphandle ngexxa yamaQiniso angempela. Ukuthi, “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi.” Ngakho sibeka izandla phezu kwayo, sibeka izibusiso zethu phezu kwayo. Kwangathi uMoya waKho ungayihola, uyiphelekezele, futhi uyiqondise kulo lonke uhambo lwempilo iye lapho Ongayithumela khona, Nkosi. Mayazi ukuthi siyayikhulekela, futhi sizokwazi ukuyisiza, futhi siyesekele inqobo nje uma izomela iQiniso. Siphe khona, Nkosi. Siyayithuma, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Carrell.

Uthola nje ukubekwa lezozandla, ezehlukene. Nonke nikezani uhlobo lwezandla zokunene zenhlanyelo zalokho.

<sup>49</sup> UMfowethu Ruddell, lapha, akakaze ngokusemthethweni agcotshwe lapha ebandleni. Unga...Bangaki omaziyo uMfowethu Ruddell na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Sonke siyamazi. Bangaki owaziyo ukuthi uyindoda kaNkulunkulu na? [“Amen.”]

Baba waseZulwini othandekayo, makube njengoba amalunga aKho ebeka izandla phezu kwalomfowethu odlule kwajulile, amanzi anodaka. Ulibonile ibandla lakhe liwela kuwo. Ubone yonke into yenzeka, kodwa nokho uyakholwa. Nakuba i...?...Sibeka izandla zethu phezu kwakhe, futhi sedlulisela izibusiso zethu kuye...?...Mgcobe, Nkosi, ngokunamandla, ngeZwi, Nkosi, bese umthumela kuyo yonke imifantu yomhlaba...?...kwangathi ungaba phezu kwakhe futhi umsize. Futhi umthume, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>50</sup> Mfowethu Ruddell, njalo unesandla sokunene senhlanyelo. Ngiyamazi uMfowethu Ruddell. Kubonakala sengathi—ngathi ungumfana wami uqobo. Uyise nami, umama, sekuyisikhathi eside sazana. Futhi ngimazi uMfowethu Ruddell

eyinceku kaNkulunkulu. Ngikhonzile naYe. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Ruddell.

<sup>51</sup> Ubani igama lakhe na? Ungubani, mfowethu na? [Omunye uthi, “Us’bali kaMfowethu Martin.”—Umhl.] Mfowethu Martin, uyamazi, uMfowethu Martin na?

Ungubani igama lakho na? [Umfowethu uthi, “UMfu. McComas.”—Umhl.] Mfowethu McComas. Ngiqagele akukho-muntu lapha omaziyo, kodwa uyi...Yebo, lendoda lapha iyamazi, uMfowethu Tyler. Futhi ufika ukuba abe...izandla zibekwe phezu kwakhe, ukuthi uzoba ngumthwali weVangeli. Mfowethu McComas, ungowaphi, Mfowethu McComas na? [“ERockford, Illinois.”] Rockford, Illinois. [“Washayela ikhaya lami, ngeviki eledlule, noma ngoMsombuluko odlule ebusuku, futhi wakhulekela umkami.”] O, ngabe kunjalo na? Uvela eTucson. [“ETucson, eArizona.”] O, sengiyalukhumbula ucingo manje. [“Wasukuma ngakusasa.”] Ayibongwe iNkosi!

[UMfowethu Martin usho okuthize kuMfowethu Branham—Umhl.] Uthini? [“Udadewethu omncane kunabo bonke.”] Udadewenu. [“Ulapha manje. Wayekhubazekile.”] Ngakho, ulapha manje, wayekhubazekile, ngobunye ubusuku, eTucson, ngotelefoni. [“Ekhubazekile.”] Par... [“Wayekhubazekile, futhi ulapha manje.”] Wayekhubazekile, ebusukwini obumbalwa obedlule, futhi ulapha manje. UMfowethu Martin ngaleyonkathi wayekukhulekela. Akumangalisi efuna ukuthatha uMlayezo!

Asibeke izandla, bazalwane.

<sup>52</sup> Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla, nalaba abanye, phezu kwenceku yaKho, futhi siyinika isandla sokunene senhlanganyelo, sikhulekela ukuthi izibusiso zikaNkulunkulu zizo...?... [Imibiko kaMfowethu Branham ayizwakali kahle—Umhl.]...?...ukuthi Umgcobeke ukuba abenjalo. Izibusiso zaKho phezu kwakhe, futhi umhole futhi umqondise, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Isandla sokunene senhlanganyelo, mfowethu, nalezo zibe nawe. UNkulunkulu abe nawe.

<sup>53</sup> [Omunye uthi, “Mfowethu Branham?”—Umhl.] Yebo, mfowethu? [“Ngisenomunye futhi ofuna lokhu futhi.”] Kulungile, mnumzane. Ngikholwa ukuthi lona ngu... [“Mfowethu Darris.”] Mfowethu Darris. Angi... [“Ngiyamazi uMfowethu Earl noMfowethu Brewer.”] Lendoda nguMfowethu Darris. Ungowaphi, mfowethu? [“Black Rock, eArkansas.”] Black Rock, eArkansas. Mfowethu... [“Ngiyamazi, mfowethu.”]...yamazi. Omunye futhi, ngiyakholwa, lapha, uthe... uMfowethu Brewer. Ngikholwa ukuthi ngibonane nabo, kulokhu ukusa. No—noDadewethu Vayle, ngiqagele, uMfowethu Vayle, nabo abamaziyo, futhi abamazi eyindoda kaNkulunkulu, inceku kaNkulunkulu. Kuyamangalisa!

<sup>54</sup> Awu, manje, mfowethu othandekayo, ukuba ube ngumthwali woMlayezo, sifuna wazi ukuthi sizoma emva kwakho, senze konke esingakwenza. Sizobe sikukhulekela, ukuthi nawe uzothwala loMlayezo uye kuzo zonke izingxenye zalapho uNkulunkulu ekugcobele ukuba uye kuzo.

Asibeke izandla zethu phezu koMfowethu Darris.

Nkulunkulu othandekayo, manje sibeka izandla zethu phezu komfowethu, simnika isandla sokunene senhlanganyelo, futhi simthuma ngeGama likaJesu Kristu, ukuthi Uzomgcoba. Futhi...?...mnike isandla sokudla senhlanganyelo!...?... NoMoya waKho uhambe naYe, futhi umhole futhi umqondise, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

<sup>55</sup> Ngi—ngiyakholwa, uMfowethu Anthony. Abaningi benu bayamazi uMfowethu Anthony. Sekuyisikhathi eside enathi lapha. Ngimazi eyinceku kaKristu, uqobo lwami. Ngikholwa ukuthi uyinsizwa ezinikele. Akakaze ngokomthetho abekwe izandla. Ubengazi ukuthi lokhu bekuza, bangane. Niyabo? Kodwa khona manje ulunge njenganoma ubani. Ngakho sizobeka izandla phezu kukaMfowethu Anthony futhi nje simnike isandla sokunene senhlanganyelo. UNkulunkulu uzokwenza ukugcoba. Lokhu kungokokumazisa nje, futhi niyazi, ukuthi siyamkholwa lomfowethu futhi siyamthanda, futhi ungomunye wethu, eMlayezweni. Futhi sifuna abe nezibusiso zikaNkulunkulu, futhi yilokho esikucela phezu kwakhe. Asikhuleke, njengoba sibeka izandla zethu phezu, kukamfowethu.

<sup>56</sup> Nkulunkulu othandekayo, le encane ezithobile, inceku yakho yaseItaly, Nkosi, iza kulobubusuku, ukuthi ibe—ibekwe izandla, nesandla sokunene senhlanganyelo, ngokusemthethweni, selulelwa kuyo, esivela ebandleni. Nkosi, Amandla aKho amakhulu athumela lomfana omncane e...?...umhlaba nomfantu ombizele kuwo. Futhi kwangathi angahamba futhi akhulule labobantu esonweni nasekuguleni, nokukhonza Wena, Nkosi, zonke izinsuku zokuphila kwakhe. Kwangathi Ungamhola, umqondise. Kwangathi izibusiso zethu zingaba naye, njengoba simthuma, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise.

<sup>57</sup> [Omunye ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Hhe! O, angazi. Sixhumene ngotelefoni; osheleni abahlanu umzuzu. Ubekhona omunye futhi lapha obefuna . . .

Yenyukelani lapha bese nizisho amagama enu, ukuthi ningobani, bazalwane, kwimayikrofoni khona phezulu *lapha*. Batsheleni nje. [Umfowethu ngamunye usho igama lakhe, “Pat Tyler,” “Claude Boggess,” “Dale Potter,” “. . .? . . .Henasey,”

“James Humes,” “Earl Horner.”—Umhl.] Ngabe yibo na? [Omunye uthi, “Yebo.”] Abazalwane bethu.

Lamadoda, niyawukholwa loMlayezo ukuthi uyiQiniso elivela eZwini likaNkulunkulu na? [Abazalwane bathi, “Amen.”—Umhl.] Niyawukholwa lowo ngenhliziyo yenu yonke na? [“Amen.”] Kulungile. Futhi ninokufisa, futhi nicabanga ukuthi uma sibeka izandla phezu kwenu... Sifuna nazi ukuthi sinani, futhi sizokwenza noma yini esingayenza ukuba sinisize.

Futhi manje ngifuna nina bazalwane, ukuze ngibeke izandla phezu kwabo ukuba, ukuba benyukele khona lapha manje. Futhi sonke masikhothamise amakhanda ethu, lapho sibeka izandla phezu kwabo.

Nkulunkulu othandekayo, nanti iqembu lesilisa. Ngibeka izandla zami phezu kwabo ngamunye, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi kwangathi Wena, Obabize ukuba babengabefundisi, ukuthi kwangathi bangaLishumayela, Nkosi, zonke izinsuku zokuphila kwabo. Futhi...?... shumayela iVangeli kukho konke okudaliweyo. Sibanika isandla sokunene senhlanganyelo, futhi sikhulekela ukuthi izibusiso zaKho zibe nabo, Nkosi, njengoba sibabusisa, sithumela izibusiso zethu. Kwangathi lingaya kuzo zonke izimfa zomhlaba obabizele ukuba baye kuzo. Kwangathi bangasebenza futhi baKukhonze ngobubanzi obabizele kubo. Kwangathi bangaba nobuqhawe nezinceku zangempela zikaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Futhi sikucela eGameni likaJesu Kristu.

<sup>58</sup> UNkulunkulu anibusise, ngamunye, bafowethu, uNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Humes. INkosi ibe nani, ngamunye.

Libusisiwe igoda elibophayo  
 Izinhliziyo zethu othandweni lukaKristu;  
 Inhlanganyelo yomqondo ofanayo  
 Injalo ngaPhezulu.

<sup>59</sup> Akamangalisi na? Cabangani nje manje, ukuthi bangaki abefundisi olapha kulobubusuku ukuba abekwe izandla!

<sup>60</sup> Beninggazi ukuthi besikulokhu ukuxhumana ngotelefono. Uma abantu phandle lapho bezongithethelela ngalokho; beninggazi. Niyabo? Beninggazi nje ukuthi bebezoxhuma loMlayezo omncane kulobubusuku. Kodwa si... .

<sup>61</sup> Manje sizofunda iZwi bese sikhuleka, bese siqonda ngqo kuloMlayezo engizwa ukuthi uMoya oNgeweze uzongenza nginethulele wona kulobubusuku.

<sup>62</sup> Futhi manje sisaphenya emuva e...okwendikimba, ngizoyimemezela emzuzwaneni. Asiphenye kuNumeri, isahluko 22, ivesi 31. UNumeri 22:31, okwendikimba. Nisaphenya, uma nithanda ukufunda, nikufunde noma nikumake.

<sup>63</sup> Ngifuna nonke ningikhumbule manje, ngize ngithole ukunibona futhi, ngiyethemba, ngesinye isikhathi ngalelihlobo, iNkosi ithanda. Futhi uma kwenzeka noma yini, angikutholi ukuya phesheya kwezilwandle, ngizobuya. Kodwa manje siyakukholwa lokho, ukuthi konke kusebenze kanjani konke lapha, ukuthi uMoya oNgcwele uzosithuma manje endleleni Azikhethele Yena ukuba asithume. Futhi yile yondlela esifuna ukuyenza. INkosi ibusise!

<sup>64</sup> Baba, sesizofunda iZwi laKho. UngeLibusise yini futhi uLigcobe ekuqondeni kwethu, sicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>65</sup> INcwadi kaNumeri, isahluko 22 nevesi 31.

*NeNkosi yase iwula-ke amehlo kaBalami, wayibona ingelosi yeNkosi imi endleleni, inenkemba yayo ehoshiweyo esandleni sayo: wagoba ikhanda, wawa ngobuso bakhe.*

<sup>66</sup> Manje, ekufundweni kwaleli, ukwakha ingqikithi ngakulo, ngifuna ukuthatha indaba: *Ngabe uNkulunkulu Uke awuGuqule yini uMqondo waKhe NgeZwi laKhe na?*

<sup>67</sup> Leyo yindikimba ngempela, futhi yiQiniso elikhulu esifanele silazi. UNkulunkulu angasho yini noma yini bese-ke ethi, “Ngiyaxolisa ukuthi Ngikushilo”? UNkulunkulu angabuye alihoxise yini iZwi laKhe, emva kokuba ELishilo na?

<sup>68</sup> Manje, kulenkulumombiko lapha, isizathu sokuba ngikhethe lenkulumbiko, kube yingoba ngenye yezinkulumombiko zeBhayibheli umfundi, ezama ukubona, noma ezama ukuthi athi uNkulunkulu uyawuguqula umqondo waKhe; lokhu bekungafana kakhulu nokungathi uNkulunkulu wawuguqula umqondo waKhe kunanoma yiyiphi indawo eBhayibhelini, engazi ngayo, ngoba Watshela uBalami enye into wase ebuye emtshela enye. Futhi manje, abantu abaningi uzame ukwenza uBalami nje i, o, isanusi noma enye into. Kodwa uBalami wayengesiso isanusi. Wayengumprofethi weNkosi.

<sup>69</sup> Manje, sizothi ukuthola uhlaka loMlayezo, kuqala. UIsrayeli wayesohambweni lwakhe evela ePales...eya ePalastine, evela eGibhithe. NeNkosi yayinabo, futhi babe...Sonke isitha esasivuke phambi kukaIsrayeli sasuswa endleleni, ngokuba uNkulunkulu wathi Wayezothuma imivi phambi kwabo futhi iyoxosha isitha, inqobo nje uma babehamba ngokuthobela umyalo waKhe. Umsebenzi wawungemkhulu neze kakhulu. Ama-Amaleki, iziqhwaga zosuku, zazingasho lutho kuIsrayeli. Nakuba babeyindoda encane ngokomumo, kodwa babehamba kuISHO KANJE INKOSI. Ngakho akunandaba ukuthi impikiswano yayiyini, uNkulunkulu njalo wayebonile ukuthi amaZwi aKhe esithembiso awehluleki neze kuIsrayeli.

<sup>70</sup> NoIsrayeli weTestamente eLidala uyisifanekiso soMlobokazi weTestamente eLisha, enyuka ephuma e—ezweni, emasha



endleleni eya eKhanani, noma iKhanani esiya kulo, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane.

<sup>71</sup> Manje, manje, siqaphela uMowabi lapha uyisifanekiso sebandla. Futhi uMowabi... Babesanda kubulala amakhosi nje futhi babexoshe isitha, babulala nya yonke into, balidla izwe, futhi benyuka ngoMowabi. Manje, uMowabi wayengesiso nhlobo isizwe sabahedeni. UMowabi wayeyisizwe esasikhonza uNkulunkulu ofanayo uIsrayeli ayemkhonza. Nezwe lakwaMowabi ekuqaleni laqala ngendodana kaLoti, ngendodakazi yakhe uqobo. Futhi yona, ingumsunguli walesisizwe, futhi yayihlele abantu bayo abadumileyo kanjalonjalo, futhi yenza isizwe esikhulu ngakho, futhi babandile futhi baqhubeke.

<sup>72</sup> Futhi, manje, uIsrayeli wayengowenzalo ka-Abrahama, hhayi ekaLoti. UIsrayeli uphuma kuIsaka, uJakobe. NoIsrayeli wavumbuka kulezozizwe eziyishumi nambili ezivela kuJakobe, okwathi kamuya sabizwa ngo "Israyeli," ngoba wabambana neNkosi. NoMowabi lapha...

<sup>73</sup> Manje, kulokhu, nani bantu eniphandle ko—kotelefoni, ngifuna kuqala ukusho ukuthi a—angifisi ukuba ngogxekayo, futhi ngiyethemba angisuye. Kodwa, uMlayezo onikwe mina, ngifanele ngethembeke kulowoMlayezo, kungenjalo ngizoba ngumzencisi. Niyabo? Nge—ngeke ngasho okungaphezu kwalokho engithunyelwe ukuba ngikusho.

Futhi ngi—ngicabanga ukuthi isitha esikhulu somphakathi ongamaKristu namhlanje amabandla ahleliwe. Ngikholwa ngenhliziyo yami yonke ukuthi ekugcineni kuyobumbeka kungene ophawini lwesilo, enginga, ngicabanga ukuthi ngingakufakazisa lokho ngeBhayibheli ngosizo lukaNkulunkulu. Sengivele ngikwenzile. Ukuthi, kuyobumbeka kungene ophawini lwesilo, kumfelandawonye wamabandla. Ngoba, uNkulunkulu akakaze akwenze, nangasiphi isikhathi, ake alivume ibandla eligcotshiwe, ibandla elihleliwe, lutho. Akazange akwenze.

Futhi ngaso sonke isikhathi indoda eyayenza ngaso inhlango, uMoya kaNkulunkulu wawuyishiya futhi ungaphinde ubuyele futhi. Buza noma yimuphi usomlando, noma ungahle ukuba ungumfundi uqobo lwakho. Lutho! Ngenkathi behlela, uNkulunkulu wayekubeka eshalofini, futhi yilapho okwaya khona; kwahlala, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke. Babekhula ngamalunga, kodwa lutho ukuphaphama kukaMoya; lutho, nhlobo.

<sup>74</sup> UMowabi, lapha, yisifanekiso sokunjalo, ngoba babeyi—yisizwe esihleliwe; ezweni labo uqobo, njengasehlelweni labo. Futhi lapho babenezinkolo zabo uqobo, nenkolo yabo yayiyinkolo efanayo uIsrayeli ayenayo. BabengabakwaMowabi

futhi bekholelwa kuJehova uNkulunkulu, kodwa babeyiqembu labantu elihleliwe.

<sup>75</sup> Futhi, manje, njengoba bamele ibandla lemvelo, uIsrayeli umele ibandla lomoya ohambweni lwalo. Manje, uIsrayeli wayengesiso isizwe esihleliwe. Inqobo nje uma babelandela uNkulunkulu, babezimele. Bayakhuphuka, abagogobalayo, bengenandawo abangaya kuyo. Noma yikuphi lapho iNsika yoMlilo yayiya khona, babehamba naYo. Babengesiso isizwe esihleliwe. Babenokuphilayo phakathi kwabo, ngoba ukusoka kwabanika lokho phansi komyalo ngoNkulunkulu, kodwa bengesiso neze isizwe esihleliwe ngalesisikhathi. Ngenkathi ekugcineni beba yisizwe esihleliwe, yilapho abawa khona futhi benqaba uMesiya wabo.

<sup>76</sup> Futhi manje siyathola, njalo, ukuthi uma lena yemvelo nekamoya, imimoya yamabandla nezinhlango, kudibana, njalo kubakhona ukuxabana. Akukaze kwehluleke ukuba kube njalo. Kuxabana njalo. Ngoba, sithola ukuthi phakathi lapho ngumona. Futhi, kulomona, kubangela ukuqhathanisa kwenyama, izilingiso. Futhi siyakuthola namhlanje, njengoba kwakunjalo ngalesosikhathi. Uma uNkulunkulu enza okuthize komuntu ngamunye, wonke umuntu uzama ukukopela njengoba nje uNkulunkulu enza ngalowomuntu. Niyabo, kubangela umqhudelwano, futhi kwenza okwenyama. Futhi-ke uma bengenakukwenza, olunye uhlangothi, luthola imiphumela yokomoya, bese-ke bekuthatha ngamandla epolitiki, noma babambela into ethize, ukona imiqondo yabantu, ukuba bazidonsele bona abafundi.

<sup>77</sup> Yilokho impela okwenzeka ekuqaleni impela; njengoKayini noAbela, bobabili abafana belapha emhlabeni. Futhi ngenkathi uAbela enikela kuNkulunkulu ngomhlatshele omuhle kakhulu kunoKayini, futhi uNkulunkulu waqinisekisa uAbela, ngokwehla wase emukela umhlatshele; kwabangela umona kuKayini, ngoba waba nomona ngomfowabo, futhi wabulala umfowabo.

<sup>78</sup> Kwaqala ekuqaleni, ukuthi ngenkathi owemvelo nokamoya, nokho uKayini noAbela bakhonza uNkulunkulu ofanayo. Bobabili bakha uhlobo olufanayo lwama altare. Futhi bobabili bakhonza uNkulunkulu ofanayo, ebandleni elifanayo, ialtare elifanayo. Kodwa uKayini, ngokuzindla kwenyama, wangenisa izithelo zezwe wayesezibeka phezu kwe altare njengomhlatshele, ecabanga ukuthi impela ukuthi lokhu kwakuzophendula kuNkulunkulu kube ukubuyisana. Ngakho kufanele ukuthi wangenisa, njengoba abantu becabanga namhlanje, “ama apula uAdamu noEva abawathathayo, lokho kwabangela isono.” Futhi, noma ngabe yini, ngicabanga ukuthi manje sebekwehlisele kwi “promegranate” noma okuthize manje. Abanye babo bathi, esikhathini esingaside esedlule, kwakungenye into.

<sup>79</sup> Futhi, kodwa uAbela wayenomhlatshelo ofaneleyo. Wayazi ukuthi kwaba yigazi elakwenzayo, ngakho waletha iwundlu. Futhi ngenkathi uNkulunkulu emukela owakhe, manje, uAbela, ngokukholwa, ngesambulo, ingekho enye indlela. Kwakungekho-Bhayibheli elalilotshiwe. Ngakho, niyabo, ukuqala kokulunga yiQiniso elembuliwe likaNkulunkulu, neBandla lonke likaNkulunkulu ophilayo lakhelwe phezu kwalokho.

<sup>80</sup> UJesus, ngoluny'usuku, eza ehla entabeni, wathi kubafundi baKhe, "Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

"Omunye wathi Ungu 'Mose,' nomunye uthi Ungu 'Eliyase,' futhi Ungu 'Jeremiya, noma omunye wabaprofethi."

Wathi, "Kodwa nina nithi Ngingubani na?"

<sup>81</sup> Kungaleyonkathi umphostoli uPetru, ephefumulelwe nguNkulunkulu, waphiliswa nguMoya, wenza leyonkulumombiko enkulu kakhulu, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

<sup>82</sup> Qaphelani inkulumombiko. "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona, inyama negazi akukwambulelanga lokhu. UBaba waMi waseZulwini ukwambulele lokhu. Wena unguSimoni. Phezu kwalelidwala..."

Dwala lini na? Manje, iKatolika lithi, "Phezu kukaPetru, idwala, itshe elincane." NeProtestane lithi, "Phezu kukaKristu, iDwala."

Kungesikho ukwehluka; kodwa kwakuphezu kwesambulo uPetru aba naso, ukuthi WayenguBani. "Akekho ongeza kiMi," kwasho uJesus, "uma uBaba waMi engamdonisi. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kimi."

"Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

<sup>83</sup> "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona; inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini. Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angelehlule." IZwi likaNkulunkulu elembulwe ngokukaMoya!

<sup>84</sup> Qaphelani, uAbela, ngokukholwa kuNkulunkulu, wanikela ngomhlatshelo omuhle kakhulu. Nekholwa lokwenyama lacabanga ukuthi kwakuyimisebenzi yezandla zalo uqobo, ukuthi, nezithelo zalo nomnikelo walo omuhle elawulethayo, ukuthi uNkulunkulu wayezowuvuma, futhi kwenza ukuxabana.

Sithola ukuthi uAbrahama noLoti baze baxabana.

<sup>85</sup> Sithola ukuthi uMose no—noDathani, uKora, babenokuxabana okufanayo.

UMose, engumprofethi ogcotshiwe ngeZwi leNkosi, waqinisekisa ukuthi wayengokhethiwe ukuba abe ngumholi

wabo wehora, nokuthi uAbrahama wayethembise zonke lezizinto, futhi nakhu uMose wenza khona impela uNkulunkulu athi kuyoba yikho, kwenzeka.

NoKora, engowenyama, wayefuna ukuvusa inhlangothi phakathi kwabo. Wayefuna ukwenza iqembu lomuntu. Futhi uNkulunkulu akasebenzi nabantu abanjalo. Kukhombisa khona lapho, kulowomBhalo, isifanekiso sohambo namhlanje, ukuthi inhlangothi ayisikho lokho okugcotshwa nguNkulunkulu. Ngokuba, kuthe nje uKora angakwenza, wathi kuMose, “Uzethwesa kakhulu wena.” Ngamany’amazwi, “Lonke ibandla lingewe! Ngani, uthi uwena kuphela umuntu ongewe. Awunalungelo ukwenza noma yikuphi okunjengalokho. Uzama ukuzenza umuntu othize omkhulu. Sonke singcwele. Sonke singabantwana bakaNkulunkulu.”

<sup>86</sup> NoMose wavele nje waphendula ikhanda lakhe wase esuka ehamba. Wathi, “Nkosi, ngizokwenzenjani na?”

<sup>87</sup> UNkulunkulu wathi, “Zehlukanise naye. Sengenele yikho.” Futhi Wamgwinya nya emhlabathini.

<sup>88</sup> Niyabo, kwakukhona ukuxabana. Uma kudibana owemvelo nokamoya, njalo kukhona ukuxabana. Ngenkathi uJuda noJesu bedibana, kwabakhona ukuxabana; Oyedwa, iNdodana kaNkulunkulu; omunye, indodana kaSathane. NjengoKayini nje noAbela, kwabakhona ukuxabana ngenkathi bedibana. Omunye wabo wayengumphathisikhwama webandla, noMunye umelusi. Futhi njengamanje, sifika kulolusuku, entweni efanayo futhi. Ihlelo lokwenyama kuMlobokazi kaKristu womoya. UMlobokazi kaKristu womoya wehluke kakhulu impela ezinhlangothini zokwenyama, kuze kungabibikho kuqhathanisa kubo nhlobo.

<sup>89</sup> Manje qaphelani, owemvela njalo uzama ukufanekisa okamoya. Kodwa, njengakuJakobe noEsawu, ngeke kusebenze. Kungeke. Manje, uma sekufika ekwenzeni imisebenzi emihle, ngi—ngikholwa ukuthi uEsawu empeleni wayengumuntu ongecono kunoJakobe, ngokubona komuntu. Wazama ukunakekela uyise; wayephuphuthekile, umprofethi. Nazozonke lezizinto azama ukuzenza, kodwa nokho uEsawu akacabanganga ngalokho kungumsebenzi wenyama nje. Wayecabanga ukuthi wayengangena ngalokho akwenzile, enze okuthize okulungileyo komunye umuntu, okwabe kulungile. Kodwa uJakobe, umphefumulo wakhe wonke wawungukuthola lelolungelo lobuzibulo, futhi yilokho uNkulunkulu amvumela khona kokukamoya.

<sup>90</sup> Qaphelani, futhi njalo kubangele owemvelo ukuba azonde owomoya. Kwabangela uKayini ukuba azonde uAbela. Kwabangela uKora ukuba azonde uMose. Kwabangela uJuda ukuba azonde uJesu. Futhi kuhamba kuqhubeke njalo njalo. Kubangela owemvelo azonde okamoya, njengoKayini nje

ekuqaleni wazonda uAbela, lo uNkulunkulu amukela kuye umhlatshelelo, futhi uzama ukubabhubhisa.

Bazama ngisho ukubhubhisa ukuthonya. Bazama ukubhubhisa yonke into, ngoba akulutho kepha umona. Kwaqala kuKayini futhi kwafakaziseka ukuthi kwakungumona, futhi kuseyinto efanayo namhlanje uma owemvelo, (owokwenyama) nowomoya bedibana ndawonye. Kuyafakazisa ukuthi nguSathane, ayikho enye indlela, ngoba umona uvela kuSathane. Bese-ke kubangela ukulingiswa kweQiniso, umuntu othize azame ukulingisa into ethize engesiyo, abagcotshelwe ukwenza. Kuningi kangakanani okwalokho esikubonile ngalezizinsuku zokugcina! O, he, kuningi kangakanani!

<sup>91</sup> Ngakho sibona uNkulunkulu wenzela-... akawuguquli naphakade umqondo waKhe ngeZwi laKhe lasekuqaleni. Kodwa, Obizayo, yilowo Ogcobayo. Akekho omunye ongathatha leyondawo. Akekho owayengathatha indawo kaMose. Akunandaba ukuthi bangaki oKora abavusiwe, nokuthi bangaki oDathani; kwakunguMose, uNkulunkulu wayebizile, kungakhathaleki.

<sup>92</sup> Kodwa, futhi uma abantu bengayikuhamba entandweni yaKhe ephelele, Unayo intando evumelayo Uyokudedela uhambe ngayo. Qaphelani, Uyayivumela, kulungile, kodwa Uyoyenza isebenze enzele inkazimulo yaKhe, entandweni yaKhe ephelele. Manje uma nizothanda...

<sup>93</sup> Njenga nje, ekuqaleni, kwakungesiyo intando ephelele ukuba abantwana bazalwe emhlabeni ngokocansi. Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu wadala umuntu ngothuli lomhlabathi, waphefumulela umoya wokuphila kuye, futhi uba ngumphefumulo ophilayo. Wakhipha kulowomuntu umsizi, wayesemenzela umfazi. Leyo kwakuyintando kaNkulunkulu yokuqala neyasekuqaleni. Kodwa ngenkathi kungena isono futhi senza into esayenzayo, Wayesemvumela-ke umuntu ukuba aganwe ngumfazi, ngokomthetho, futhi abe nabantwana ngaye. "Nande nigcwalise umhlaba, ke, uma leyo kuyindlela ozokwenza ngayo." Kodwa, niyabo, kwakungesiyo neze intando yaKhe ephelele.

<sup>94</sup> Ngakho-ke, zonke lezizinto ezazinesiqalo izofanele ibe nesiphelo. Sonke isono sizofanele sifike ekubeni siphelene. Sonke isono sizofanele siqedwe. Ngakho-ke, esikhathini esikhulu seminyaka eyiNkulungwane lapho kufika ukuvuka, ngeke sisadingeka ukuba siphinde sizalwe ngobaba bethu nomama bethu, kodwa uNkulunkulu njengoba Enza ekuqaleni uyobiza umuntu evela othulini lomhlabathi, nomsizi wakhe kanye naye. Kunjalo. Yileyo ndlela akwenza ngayo ekuqaleni.

<sup>95</sup> Kanjalo ngakho-ke, uNkulunkulu akawuguquli neze umqondo waKhe nganoma yini, kodwa Uyokuvumela ukuba uqhubeke. Manje, lokhu kuyizindlela ezinde ezijikelezayo

ukufinyelela kulokhu engifuna ukukusho lapha ngalokhu. Kodwa, futhi, kodwa, kungukuthi, nizo... ngifuna nikuqonde. Niyabo? UNkulunkulu uyokuvumela ukuba wenze into ethize, futhi aze akubusise ngisho ekukwenzeni, kodwa kusalokhu kungesiyo intando yaKhe ephelele.

<sup>96</sup> UNkulunkulu wavumela uIsrayeli ukuba athathe umthetho, kuEksodusi isahluko 19. Kanti umusa wase uvele ubanike umprofethi, iNsika yoMlilo, iwundlu lomhlatshelo, amandla okukhulula, kodwa bakhalela uMthetho. Kwakungesiyo intando kaNkulunkulu, kodwa yajovelwa ngoba umuntu wayefuna. Futhi waqalekiswa yiwo impela umthetho ayewufuna.

<sup>97</sup> Kuhle ukwedlula konke ukuba nentando kaNkulunkulu. Yilokho Asifundisa khona. "Intando yaKhe mayenziwe. UMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe." Sifanele sizinikele thina entandweni yaKhe naseZwini laKhe. UngaLibuzi. Likhohwe. Ungazami ukuthola indawo ngokuLijikeleza. Nje Lithathe ngendlela eLiyiyo.

Abaningi kakhulu ufuna ukujikeleza, athole enye indlela. Futhi uma wenza, uzithola uqhubeka, uthola uNkulunkulu ekubusisa, kodwa uhamba entandweni yaKhe evumelayo futhi hhayi entandweni yaKhe ephelele, Intando yobuNkulunkulu.

<sup>98</sup> Uyayivumela, njengoba ngishilo, kodwa Akayiku—Akayikuyivumela ibe yintando yaKhe ephelele; kodwa uyoyenza isebenze ukuhlonipha nokubusisa intando yaKhe ephelele. Nokuzala umntwana, ngokocansi, ngokunye kwalokho.

<sup>99</sup> Manje qaphelani, uMowabi, kwasekuqaleni nje, wayeyisizwe sevezandlebe. Saqala ukuphuma, ivezandlebe, nokho ngobaba o—oyikholwa nendodakazi eyikholwa.

Khona impela nje, uma uzofanekisa lokho bese usebenzisa umqondo kamoya, ungalibona lelohlelo limi lapho licace nje bha njenganoma yini. Impela. Niyabo, yonke into ayilungile ngakho konke. Futhi, bukani, uma lilethwa, laqala kanjalo, alisoze... Lilokhu, njengebhola leqhwa, lilokhu lingingqika kakhulu kakhulu kakhulu. Uthola ukweduka okukodwa, bese uqala kulokho kweduka okukodwa, futhi ulokhu nje ugingqa into eyodwa emva kwenye, nento eyodwa njengenyane, konke emva kokunye.

<sup>100</sup> Futhi yileyo ndlela ibandla elaqala ngayo. Yileyo ndlela elaqala ngayo eNayisiya, eRoma, ngenkathi ibandla eliRoma Katolika... Khona impela ekuqaleni, lapho livela khona, kwakuyiPentekoste. Kodwa ngenkathi behlela base bengenisa umuntu odumileyo, ebandleni, baqala ukwenza, benemikhuleko, futhi begijimisa ubuhlalu, futhi—futhi bekhulekela abafileyo, nazozonke lezi ezinye izinto. Kwase kuthi-ke kwaqala ukugingqika, kusuka ekwedukeni okukodwa kuya kokunye, ukweduka okukodwa kuya kokunye, kwaze kwathi bukani ukuthi sekuhambe kwayaphi. Akukho nokukodwa ukumelwa

kwepentekoste kukho, nhlobo. Niyabo? Ngukweduka okukodwa kucosha okunye, kucosha okunye. Yinye kuphela into okufanele yenziwe, kungukuthi, kuhlanzwe irekhode bese kubuyelwa ekuqaleni.

<sup>101</sup> Ngenkathi, uMartin Luther waqala ngokulungisiswa. Lokhu kwakufanele kube ngeliqhubekela phambili, ibandla lamaLuthela. Niyabo? Uma... uLuther, ngenkathi ehlela, wayengethathe ukungcwelisa kukaWesley, ngoba wahlelwa; namadoda ayengeke akumele, ngakho uMoya waphuma kulo.

<sup>102</sup> Manje, iqembu likaLoti lapha; noma, uMowabi wayengumntwana wendodakazi kaLoti, ivezandlebe okokuqala nje. Manje qaphelani, njengebandla lemvelo, uMowabi, umele ihlelo lemvelo.

UIsrayeli umele iBandla likamoya. UIsrayeli, kwakukhona ibandla leqiniso, kwakungumlobokazi wangelolosuku, owabizwa waphuma eGibhithe, futhi waqinisekiswa ukuthi uyiqiniso.

<sup>103</sup> Qaphelani ngenkathi bona, bona bobabili behlangana ndawonye. Bobabili banikela ngomhlatshelo ofanayo, bobabili bakha, babona ama altare ayisikhombisa, bobabili banikela ngomhlatshelo ohlanzekile, inkabi. Futhi banikela ngisho nangezingama, befakaza ukuthi kwakukhona uMesiya ozayo. Ngokusuka phansi esiqwini, bobabili babefana ncamashi. UIsrayeli, phansi lapha esigodini; uMowabi, phezulu egqumeni. NoMowabi nama altare ayisikhombisa; uIsrayeli nama altare ayisikhombisa. UMowabi nenkabi eziyisikhombisa; uIsrayeli nenkabi eziyisikhombisa. UMowabi nezingama eziyisikhombisa, kukhuluma ngoMesiya ozayo; uIsrayeli nezingama eziyisikhombisa.

Kwakuyini umehluko kubo na? Ngokusuka phansi esiqwini, bobabili babeqinisele. Kodwa, niyabo, uMowabi wayengenakho ukuqinisekisa kukaNkulunkulu nabo; babeyisizwe kuphela, iqembu labantu abadumile. Kodwa uIsrayeli wayenomprofethi enabo. BabeneDwala elishayiwe linabo. BabeneNsika yoMlilo. Babenenyoka yethusi, yokuphilisa. Babenezibusiso zikaNkulunkulu zihambisana nabo ngqo, futhi babengabantwana bakaNkulunkulu ababizelwe ngaphandle.

<sup>104</sup> Manje sikuthola lokho kufanekiswe ngokuphelele kakhulu lapha kulawomabandla anamhlanje. Njengoba, uMowabi wangenjalo. UIsrayeli wayengogogobeleyo, esuka endaweni eya endaweni; noma yikuphi lapho leyoNsika yoMlilo yayiya khona, babehamba naYo. UMowabi, engenjalo; babezinze ehlelweni labo uqobo, phansi esizweni sakubo uqobo. Abanyakazanga, bahlala khona lapho. Babenabantu babo abadumileyo. Babegcoba izinto njengoba babefanele benze,

futhi babenamaqhawe abo, babenabalwi babo, babenenkosi yabo ababenayo, ababethola iziyalo zabo kuyo, kanjalonjalo.

<sup>105</sup> Kodwa uMowabi wambona uIsrayeli enento ababengenayo. Babebone amandla amakhulu phakathi kukaIsrayeli, futhi kwakungumprofethi. Nalowomprofethi kwakunguMose. Futhi babazi ukuthi uma impi ingahambanga kahle, babevele nje baphakamise izandla zakhe futhi bazibambe ziphakame lapho, nempi yashintsha. Ngakho babengenakho okunjengalokho, ngakho bazama ukukuqhathanisa nepolitiki, nomdonso wepolitiki. Bathumela kwelinye izwe futhi baqasha umprofethi ukuba eze, ukuze babe nomprofethi, futhi ezoba namandla phakathi kwabo njengoba nje uIsrayeli wayenawo phakathi kwabo.

<sup>106</sup> Niyakubona ukuqhathanisa kwenyama na? Ningalibona ibandla lenyama namhlanje na? Lenze into efanayo impela.

<sup>107</sup> Qaphelani, manje, bobabili bazoba nabaprofethi. Ukwehluka kuphela okwakukhona, uMose, umprofethi kaNkulunkulu, iNkosi yakhe kwakunguNkulunkulu. Wayezithola lapho-ke iziyalo zakhe, iZwi leNkosi. NoBalami, naye futhi, wayenenkosi, naleyonkosi kwakunguBalaki, inkosi yakwaMowabi, futhi yilapho ayethola khona iziyalo zakhe nezibusiso zakhe. Ngakho uMowabi wathi kuBalaki, “Yehla,” noma uBalami, wathi, “yehla bese ungiqalekisola lababantu, ngokuba bamboza bonke ubuso bomhlaba. Bafika nje futhi bakhothe yonke into njengenkabi ikhotha utshani.” Wathi, “Yehla manje. Futhi ngiyaqonda ukuthi ungaqalekisa, ungabusisa, noma yini oyenzayo iyavunywa.”

<sup>108</sup> Manje, sifuna ukuqaphela ukuthi lomuntu wayengumprofethi ogcotshwe nguNkulunkulu, kodwa wathengisa ngobuzibulo bakhe ngezizathu zepolitiki. Njengoba nje ibandla lenzile namhlanje, njengoLuther, uWesley, iPentekoste, nalolonke iqembu lawo, labuthengisa ngenxa yemidonso enhlanganweni yawo. UMose, phansi kukaNkulunkulu; uBalami, phansi kukaBalaki. Nokho, bobabili abaprofethi babebizwa ngomuntu kaNkulunkulu, futhi bobabili bengabakamoya. Qaphelani umehluko. Ngayedwa wayenenhloko; ekaMose kwakunguNkulunkulu; ekaBalami kwakunguBalaki.

<sup>109</sup> Qaphelani lapha ukuthi okamoya usetshenziswa kanjani, ukufakazisa ukuthi owemvelo usephutheni. UMose, ethunywe nguNkulunkulu, esemgqeni womsebenzi, uhlangatshezwa futhi uphoselwa inselelo ngomunye umprofethi kaNkulunkulu. Ungathini nje ngalokho! UMose, ebizwe nguNkulunkulu, wacotshwa nguNkulunkulu, emi emgqeni womsebenzi kaNkulunkulu; wenyukela kuleli elibandayo, iqembu ngegama nje, futhi waphoselwa inselelo ngomunye umprofethi kaNkulunkulu, uNkulunkulu ayembusisile futhi



wamgcoba. Wawungawusho kanjani umehluko na? Bobabili babenabaprofethi. UNkulunkulu wakhuluma kubo bobabili abaprofethi.

<sup>110</sup> Nabanye babo bathi, “UNkulunkulu wathi, ‘Yenza *lokhu*.’ UNkulunkulu wathi, ‘Yenza *lokho*.’” Manje, angikubuzi lokho, kodwa kuphumile emgqeni weZwi likaNkulunkulu. Umprofethi, akunandaba noma ngabe engumprofethi, uphumile emgqeni. Abantu abaningi kakhulu bathola ukudukiswa kanjalo. “O, lo mfowethu angakwenza *lokhu*, na lo mfowethu angakwenza *lokho*,” futhi aphike iZwi na?

<sup>111</sup> “Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolwezingelosi, noma ngineziphwiwo, ngangokuthi ngingagudluza izintaba, noma nginikela ngazo zonke izimpahla zami ukuba ngondle abampofu, ngisalokhu ngingento yalutho.”

“Abaningi bayakuza kiMi ngalokusuku, futhi bathi, ‘Nkosi, Nkosi, angiprofethanga yini ngeGama laKho na? Angizange yini, ngeGama laKho, ngikhiphe amademoni futhi ngenza imisebenzi enamandla na?’ Futhi Ngiyakuthi kubo, ‘Sukani ku, nina... Sukani kiMi, nina benzi bokubi. Angikaze ngisho nginazi.’” Nokho, beza nokuvuma ukuthi bakwenzile, kodwa uJesu wathi, “Babengabenzi bokubi.” Yini okubi na? Yinto owaziyo ukuthi ufanele uyenze, efanele ukwenziwa, futhi nokho awuyenzi. Niyabona ukuthi kuzoba njani ngezinsuku zokugcina na?

<sup>112</sup> Niyawuzwa wonke umugqa! Bekuyileyo inhloso yami kulobubusuku. Ngithe ngizophuma ngelesishiyagalolunye nqo, kodwa ngizothi ukuba ngemuva kancanyana, mhlawumbe. Bukani, bekuyileyo yonke inhloso yami, ukunikhombisa lomugqa, ngeZwi likaNkulunkulu, niyabo, ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzofanele aligcine iZwi laKhe ukuze ahlale enguNkulunkulu.

<sup>113</sup> Manje, siyaqaphela ukuthi omabili lawa ayengamadoda kamoya, omabili ayengabaprofethi, omabili abizwa. Futhi uMose, emgqeni womsebenzi impela, eneNsika yoMlilo eseyintsha iphambi kwakhe nsuku zonke, uMoya kaNkulunkulu uphezu kwakhe, emgqeni womsebenzi. Nakhu kufika enye inceku kaNkulunkulu, ebizwe nguNkulunkulu, yagcotshwa nguNkulunkulu, umprofethi eliza kuye iZwi likaNkulunkulu. Nanku umugqa oyingozi. Akukho—muntu ongaphikisa lowomuntu engokaNkulunkulu—kaNkulunkulu, ngoba iBhayibheli lathi uMoya kaNkulunkulu wakhuluma kuye, futhi wayengumprofethi. Kodwa, niyabo, ngenkathi ethola impendulo yangempela kuNkulunkulu, akakwazanga ukuYigcina. Aka Yiqaphelanga, wase-ke ehamba eyophosela inselelo uMose.

<sup>114</sup> Manje, uBalami wafuna intando kaNkulunkulu, ngayo yonke inhliziyoyakhe. Manje, ngenkathi lawa indoda enkulu eza nganeno ayesethi, “Balami! UBalaki inkosi uthumele, ukuthi uze kuye masinya bese uqalekisa lababantu uIsrayeli,

ngoba bahlakazeke ebusweni bonke bomhlaba, futhi manje sebebeka ikamu bamelana nami. Futhi bakhothe yonke imibuso ezungezile, ngezansi kwabo. Futhi manje sifuna uze ngapha bese uqalekisa lababantu. Ngoba, ngiyaqonda ukuthi uma uqalekisa noma ubani, uqalekisiwe.” Manje, niyabo, wayengumuntu kaNkulunkulu. “Okubusisayo, kubusisiwe.” Wayeyinceku kaNkulunkulu.

<sup>115</sup> NoBalami manje wacabanga, engumprofethi, “Yinye kuphela into kimi ukuba ngiyenze, futhi lokho ngukufuna intando kaNkulunkulu.”

<sup>116</sup> Lowo ngumsebenzi womprofethi, uma ebizelwe ukuba abe ngumprofethi. Kuqala, ufanele enzenjani umprofethi na? Ngukufuna intando, iZwi likaNkulunkulu. Ufanele ayenze. Ngoba, engumprofethi, iZwi likaNkulunkulu liza kuye. I...Bathi, “Awu, awusiye usiyazi wezenkolo.” Alisho neze iBhayibheli ukuthi iZwi likaNkulunkulu liza kusiyazi wezenkolo. Yibo oLonayo. IZwi liza kumprofethi kaNkulunkulu.

<sup>117</sup> Futhi lapha kwakukhona umuntu owayengumprofethi kaNkulunkulu. Futhi ngenkathi eqashwa, ukuba aqashwe, ukuba eze ngapha, futhi aqalekise obanye abantu bakaNkulunkulu, qaphela, wahamba wayofuna intando kaNkulunkulu. Futhi wayefuna ukwazi intando yaKhe ephelele, noNkulunkulu wamnika intando yaKhe ephelele odabeni. Intando yaKhe ephelele yethulwa kuye. Kwakuyini intando yaKhe na? “Ungahambi!” Lelo yiZwi likaNkulunkulu lokuqala. “Ungahambi nabo. Ungazami ukuhlasele abantu baMi, behamba ngezindlela zaMi eziphelele.”

<sup>118</sup> Kunjani lokho namhlanje, bafuna ukuqophisana, baphikisane, nakho konke okunye, uma bebona uMoya kaNkulunkulu usebenza phakathi kwakho. Futhi bayazama ukukwenza, bakuzamile iminyaka, ukuWugqiba phansi. Kodwa lapho bezama kakhulu kakhulu ukuWugqiba, yilapho Ukhula kakhulu. Ungeke wakuqalekisa okubusiswe nguNkulunkulu. Ungeke nje. Ungeke nje wakwenza.

<sup>119</sup> Ngakho, niyabo, lowo kwakungabantu bakaNkulunkulu. Manje, lowomprofethi, nakuba wayephezulu lapho futhi eqashwe yinkosi, wasebenza phakathi kwabantu abadumileyo, kanjalonjalo. NeZwi likaNkulunkulu leza kuye. Wafuna intando kaNkulunkulu, nentando kaNkulunkulu yakhuluma yamphendula, yase ithi, “Ungabaqalekisi lababantu. Ngababusisa.”

<sup>120</sup> Manje akukho-siyazi wezenkolo phansi kwezibhakabhaka ongaphika loMlayezo esiwushumayelayo, kodwa Uyilo impela iZwi likaNkulunkulu ngesikhathi esifaneleyo impela. UNkulunkulu uwuqinisekile, kukho konke okushiwo noma okwenziwe. UWufakazisile ukuthi uqinisile. Manje, akukho-

siyazi wezenkolo, akukho-mfundi weBhayibheli, akukho-mprofethi, ongabuka kuleloZwi, uma engumprofethi, uyobona into efanayo. Kodwa uma engaboni into efanayo, lokho kukhombisa ukuthi ikhona into engalungile. Ngoba...

<sup>121</sup> Wena uthi, “Awu, o, bengingakuthatha ngikuse ngapha nangapha.” Wayenza kanjalo noBalaki, uBalami. Niyabo? Kodwa uNkulunkulu wamkhomba uMose.

Manjena-ke kwakuyini isifakaziso na? IZwi likaNkulunkulu. Futhi wasizwa esicacile, isinqumo esingunqamla-juqu sikaNkulunkulu, “Ungahambi. Ungazami uku—ukuqalekisa eNgikubusisileyo. Labo ngabantu baMi.”

Kodwa niyazi ukuthini? UBalami wayengabathandi labobantu, kwasekuqaleni nje. O, enje pho i...Bangaki abakaBalami okhona ezweni namhlanje! Wayengalithandi leloqembu, ukuqala nje.

<sup>122</sup> Manje, emva kokuba esethole isinqumo esingunqamla-juqu sikaNkulunkulu, “Ungahambi.” Kodwa, niyabo, esikhundleni sokukwenza, kwakuyinto efanayo njengoKayini, njengoKora, wayenomona, futhi wa—wayefuna uku, isizathu sokuhamba, noma ikanjani.

<sup>123</sup> Qaphelani, ikomkhulu lakhe lehlelo, emva kokuba esethumele emuva, wathi, “Qha, angikholwa ukuthi ngizokwehla. Angikholwa ukuthi kukhona engizokwenza ngabo. Ngeke ngiphikisane nalabobantu, ngoba uNkulunkulu usengitshelile ukuthi bangabantu baKhe, futhi angikholwa ukuthi ngizohamba.” Ukuba wayehlale nalakho!

Kodwa, phansi enhliziyweni yakhe, wayengabathandi. Niyabo? Babengesibo abeqembu lakhe. Futhi noma yini eyayingesiyo eyeqembu lakhe, “yayingalungile, kwasekuqaleni nje.” Niyabo? Futhi wababukela phansi, wathi, “Kubekhona izinto ezimbi kabi labobantu abazenzile. Impela uNkulunkulu ongcwele uzobaqalekisa abantu abanjalo. Bona, abafundile. Abafundisiwe njengathi. Singabantu abahlakaniphe kakhulu. O, bazisho ukuthi bakhonza uNkulunkulu, kodwa, babuke, bayini na? Isigejane se, ngani, isigejane sezigqila, abaphahleka ngodaka, abaseGibhithe ababaxoshayo ezansi lapho. Ngani, uNkulunkulu wayengeke neze azihlanganise ngalutho nesigejane esingcolile kanjalo!”

<sup>124</sup> Wehluleka ukubona leloDwala elishayiwe naleyonyoka yethusi; leyoNsika yoMiilo. Wazama ukubehlulela ngesimo sokubheka ukuziphatha. Wehluleka ukubona ubizo oluphakeme kakhulu lukaNkulunkulu. Ngomusa, ngokhetho, babekulowomugqa, naneZwi likaNkulunkulu. Futhi ngenkathi efuna ukubaqalekisa, uNkulunkulu wathi, “Ungakwenzi. BababaMi. Bayeke. Ungabathinti.”

<sup>125</sup> Manje, ngakho indoda yajika, yabuyela emuva. Manje qaphelani ikomkhulu layo lehlelo, nokho, ngenkathi

ibuyela emuva. Bathumela eliningi ngokuthe xaxa iqembu elinokuthonya. Ngalesisikhathi bangahle ukuba babengabanye, esikhundleni somuntu nje ovamileyo, bangahle ukuba babengodokotela bezobunkulunkulu abezayo ngalesisikhathi. Bangahle ukuba babengababhishobhi, noma kumbe amagosa ombuso, kukho konke... Wathuma i—i—iqembu elingcono, neqembu elithe ukuba noku—kuthonya kakhudlwana, umuntu othize owayenemfundo ethe ukuba ngcono kakhudlwana futhi owayengakwazi ukwendlala isu kuye kangcono, akwazi ukulenza lizindleke.

<sup>126</sup> Niyabo, yilokho okwenziwa nguKayini; wazindla. Yilokho okwenziwa nguKora; wazindla. Akusuye ozindlayo.

“Silahla izizindlo.” Siyamkholwa uNkulunkulu, akunandaba ukuthi noma yini ithini. Siyamkholwa uNkulunkulu. Asikuzindli okushiwo nguNkulunkulu. Ungeke wazindla ngaKho. Ufanele uKwemukele ngokukholwa. Futhi noma yini oyaziyo, awudingi ukuba ube usazindla. Angazi ukuthi Ukwenza kanjani; ngikholwa nje ukuthi Uyakwenza. Angazi ukuthi Uzosigcina kanjani lesosithembiso; kodwa Wathi Uyokwenza. Ngiyasikholwa. Ngiyasemukela phezu kwezisekelo zokuthi ngiyakholwa ukuthi siyiZwi likaNkulunkulu.

Wena uthi, “Awu, ungeke wedlula nalokho.” Angazi ukuthi ngizokwedlula kanjani nakho, kodwa Wathi, “Kusho.”

Ngiyakhumbula umelusi wami weBaptisti engitshela, wathi, “Ngani, Billy, uyoshumayela ezinsikeni ebandleni. Ngani, ucabanga ukuthi ukhona oyozwa into enjalo na?”

Ngathi, “UNkulunkulu usho kanjalo.”

“Uzokwenza kanjani, ngemfundo yebanga lesihlanu, ukhulekele amakhosi, futhi ushumayele umhlaba-jikelele na?”

<sup>127</sup> Ngathi, “Angazi ukuthi ngizokwenza kanjani, kodwa, Washo njalo, futhi lokho nje kungenele kahle mina.” Niyabo? “Washo njalo. Angazi ukuthi kuzokwenziwa kanjani.”

Wathi, “Ucabanga ukuthi abantu kuleli elikhulu, izwe elifundisiwe ozosukuma umelane nalo, ngalendaba yokuphilisa ngokukaNkulunkulu njalonjalo, ucabanga ukuthi bazokukholwa lokho na?”

<sup>128</sup> Ngathi, “Akusikho okwami ukwazi ukuthi ngabe bayaKukholwa noma qha.” Ngathi, “Umsebenzi wami ngukuKushumayela. Yilokho Angitshela khona. Wathi Uyoba nami, futhi Ungitshelile ukuthi kuyokwenzani.”

Futhi kwenze khona impela nje Athi kuyokwenza. “Kuqala, bamba izandla zabo; khona-ke kuyofezeka ukuthi uyoze wazi ngisho nemfihlo yenhliziyo yabo.” Futhi ngakutshela ngakho, futhi kwenzeka ngaleyondlela. Kwenza kanjani na? Namanje angikazi ukuthi kukwenza kanjani. Akumsebenzi wami ukuthi kwenziwa kanjani; kuyenziwa nje.

<sup>129</sup> Ubani owayengachaza ngenkathi uNkulunkulu etshela uElija, “Yenyukela lapho bese uhlala entabeni, futhi Ngiyokondla. Ngimisele a—amagwababa ukuba akondle na?” Lalingaluthola kanjani igwababa ucezu lwesinkwa neqatha—iqatha lenhlanzi, kubhakiwe, futhi likulethe kumprofethi na? Lokho kungaphambili le kwanoma yini ebengingayichaza. Angicabangi ukuthi ningakucabanga nani, noma akukho-muntu ongakucabanga. Kodwa Wakwenza. Yilokho kuphela okwakudingekile. Wakwenza, futhi lelo yiqiniso lakho.

Ukuthi Wakwenza kanjani, angazi; akumsebenzi wami. Kodwa Wakwenza. Ukuthi Wawenza kanjani umhlaba, angazi; kodwa Wawenza. Ukuthi Wayithuma kanjani iNdodana yaKhe, angazi; kodwa Wakwenza. Ukuthi Wavuka kajani kwabafileyo, angazi; kodwa Wakwenza. Wangisindisa kanjani mina na? Angazi; kodwa Wakwenza. Kunjalo. Wanisindisa kanjani nina na? Ngeke nganitshela; kodwa Wakwenza. Wangiphilisa kanjani mina na? Angazi; kodwa Wakwenza. Wethembisa ukuthi Wayezokwenza, futhi Uyaligcina iZwi laKhe.

Manje, uBalami wayefanele akwazi lokho, futhi wayazi kangacono.

<sup>130</sup> Qaphelani, leli elingcono, iqembu elinokuthonya, liyafika, futhi yini engcono na? Babenezipho ezingcono. Futhi akusikho lokho kuphela, babengamnika enye imali eningi, futhi babekwazi, ukwethembisa ukumnika isikhundla esingcono. “Manje, ngaphandle nje kokuba ngumfundisi ovamile ebandleni, sizokwenza unsumpa wesigodi. Niyabo? Lokho, sizo—sizokwenzela into ethize uma nje uzoxosha lesosigejane sabantu siphume lapho, uyabo, futhi ukumise lokho.” O, bethembisa ukumnika isikhundla esikhulu. Wathi, “Ngenkathi ubabusisa kakhulu...” Wathi, “Uyazi, ngingamandla okukukhuphulela esikhundleni.” Bukani ukuthi uwatholaphi amazwi akhe, inhloko yesizwe.

<sup>131</sup> Wayewatholaphi uMose amaZwi akhe na? INkosi yaseZulwini. Esisodwa kwakuyisithembiso seZwi likaNkulunkulu, “Ngizokuthatha ngikuyise ezweni lesithembiso, futhi akukho-muntu oyoma phambi kwakho. Ngiyothuma imivi phambi kwakho bese ibaxosha, kusukela kwesokunene kuya kwesokunxele. Futhi uzolithatha izwe. Ngi prom-... Sengivele ngilinye wena. Qhubeka, ulithathe, lidle; elakho.” Futhi manje, niyabo, yiLowo-ke uMose ayemlalele. Nalendoda yayilalele sekuze kufika into ethize enhliziyweni yayo uqobo eyayinomona ngayo, futhi ngakho-ke yaya enhlokweni yayo yabefundisi. Niyabo?

<sup>132</sup> Qaphelani, isikhundla esingcono. Wathi, “Uyazi ukuthi ngingamandla okukukhuphulela esikhundleni na? Ngizokukhuphulela endaweni engcono. Ngizokwenzela okunye okuningi. Ngizokukhuphulela umholo wakho. Ngizokunika

iholo elingcono.” Futhi ngenkathi ethembisa ukumnika konke okwalokhu, kwamphuphuthekisa.

<sup>133</sup> Bangaki oBalami abakhona ezweni namhlanje, lokho, ngesikhundla esingcono, ibandla elingcono, isithembiso sento ethize! Uma indoda ithola ukuthi amehlo ayo avulekele eZwini nokusebenza kukaNkulunkulu... Naleyondoda elungileyo, enokuthonya, iyoqala iphume njengenceku kaNkulunkulu, futhi iphethe ibandla elihle. Emva kwesikhashana, umbhaphathizo kaMoya oNgwele wethulwa kuyo, umbhaphathizo eGameni likaJesu wethulwa kuyo, okungumBhalo nokuyiyona ndlela kuphela yangokomBhalo yokubhaphathiza. Futhi uma wethulwa kuyo, nehlelo lazi ukuthi bazolahlekelwa yiyo uma iqala lokho, bethembisa ukumnika isikhundla esingcono noguquko ebandleni. Niyabo, ubuBalami obudala, futhi, khona impela nje njengoba kwakunjalo ekuqaleni.

<sup>134</sup> Manje, leyondoda ifunda leloBhayibheli, ngeke yaLifunda ngaphandle uma ibona ukuthi lelo yiQiniso. Akukho-muntu owake wabhaphathiza esebenzisa iziqu zika “Yise, iNdodana, uMoya oNgwele.” Kuyisivumokholo seKatolika futhi akusiyo iMfundiso yeBhayibheli. Akukho-muntu eBhayibhelini owake wabhaphathizwa, noma iminyaka engamakhulu amathathu emva kokufa komphostoli wokugcina, kodwa okwakubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Ibandla eliKatolika laqala lokho, nabo bonke abanye beza kukho. Futhi noma yimuphi umfundisi ehlezi lapho etadishela khona futhi ezokubuka lokho, uyazi ukuthi kuyiQiniso. Kodwa, ngenxa yokuthandwa ngabantu, ukubamba isikhundla sakhe, ecatshangwa kangcono phakathi kwabantu, uyaxegisa.

“Awu,” wena uthi, “UNkulunkulu umbusisile.”

<sup>135</sup> Impela. Abanye babo baneziphiwo zokuphilisa, abanye babo banemikhankaso emikhulu. Nalokho kuhlikihla ngqo ebusweni babo, futhi bathola impendulo efanayo evela eZwini likaNkulunkulu wena noma yimuphi omunye umuntu ayengayithola. UNkulunkulu akaguquki. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

<sup>136</sup> UBalami, enzela isikhundla esingcono, wacabanga. Manje bukani, ngenkathi leloqembu elingcono selibuya, oqondile... uBalami, lapha, wathatha indikimba-mbumbulu. Niyabo? Wathi... I-iqembu elingcono liyabuya, wa-wayefanele ngabe wathi, “Sukani phambi kwami! Nginitshelile iZwi likaNkulunkulu. Hambani! Lona ngu ISHO KANJE INKOSI.” Kodwa, niyabo, iziphiwo, nokuba ngumuntu othandwa kakhulu ngabantu!

<sup>137</sup> O, bathanda kanjani ukukwenza! “Sizokuthumela emhlabeni wonke. Sizokunika ibhanoyi eyisipesheli. Sizoxhasa imihlangano yakho ndawo zonke uma uzovele nje. . .” O, qhabo. Hhe-e. Niyabo?

Siyazi ukuthi iZwi lithini. Siyazi ukuthi uNkulunkulu wathini. Sizohlala nalokho, ngosizo lukaNkulunkulu. Niyabo? Akunandaba ukuthi nhloboni yesithembiso, nokuthi kuningi kangakanani ongakukhokha, nokuthi kungaki *lokhu*, *lokho*, noma *okunye* onga—ongakuveza; sifuna uISHO KANJE INKOSI, nokuthi Wathini *Lapha* kuqala.

“Awu, ibandla lathi, ‘Lokho kungokwesibili.’”

Sifuna okwashiwo nguNkulunkulu ekuqaleni. “Futhi noma yini enezelwe kuLo noma esusiwe kuLo, ngisho negama lakho liyosuswa eNcwadini yokuPhila; ukwenezela izwi elilodwa kuLo, noma ukususa iZwi elilodwa kuLo.” Sifuna lokho Akushoyo; hhayi okwashiwo yibandla, okwashiwo nguDokotela uJones, okwashiwo ngomuny’umuntu. Sifuna okwashiwo ngu ISHO KANJE INKOSI, okwashiwo yiZwi.

<sup>138</sup> Kodwa manje sithola uBalami, inceku kaNkulunkulu. Namaningi alawo indoda iqala ukuphuma, futhi agcotshwe nguNkulunkulu, futhi ikhuluma iZwi likaNkulunkulu ngezinto eziningi; kodwa uma sekufika eQinisweni eligcwele, bangeke bakwenze.

<sup>139</sup> Qaphelani lapha, njengomprofethi kaNkulunkulu, wayengafanele abambeke eqenjini elinjengalelo, okokuqala nje. Wayengafanele ahambe nabo. Kodwa, bhekisisani, ngenxa yokuthandwa ngabantu, niyabo, ngenxa kanembeza wakhe, wathi, “Awu, hlalani ubusuku bonke, futhi ngizozama futhi.” Niyabo, “Ngizozama futhi”? Ufuna ukuzamelani futhi na?

<sup>140</sup> UNkulunkulu wayesevele emtshelile ukuthi akathini. UNkulunkulu wathi, “Batshele ukuthi awuhambi.” Lelo yiZwi laKhe lasekuqaleni. “Angihambi. ‘Futhi unghambi. Ungakuqalekisi engikubusisile.’” Manje bhekisisani, lokho kwaqhuma kwabuyela kuye, emva kwesikhashana. Niyabo? Futhi kuyokwenza, ngaso sonke isikhathi. Uma uNkulunkulu esho noma yini, Uqonde yona. Akawuguquli umqondo waKhe ngayo. Uhlala neZwi laKhe ngqo. Akunandaba ukuthi noma yimuphi omunye uthini, Uhlala naleloZwi ngqo.

<sup>141</sup> Manje, uBalami wayefanele azi kangcono. Wayefanele azikhiphe emshungwini onjalo, kodwa zonke lezozipho ezinhle nesi—si—sithembiso senkosi eyathi, “Uyazi ngingakwenza. Ngingumbhishobhi. Ngingenza nje noma yini engifuna ukuyenza, futhi ngizokukhuphula uma uzoza ungenzele khona.”

Futhi uNkulunkulu wayesevele emtshelile, “Ungakwenzi.”

<sup>142</sup> Kodwa nokho uBalami wathi, “Nina, hlalani ubusuku bonke, futhi ngizo—ngizama futhi.”

Niyabo, wayeneZwi. Awudingeki ukuba ube usaphikisa ngaLo. UNkulunkulu usevele usho njalo. Neqembu elinjalo, njalo bakhuluma bakukhiphe entandweni kaNkulunkulu, uma uzobavumela.

143 Kwakukhona iqembu elilodwa ukuba lize kumprofethi, ngesinye isikhathi, othiwa nguJobe. Babengenakukhuluma bamkhiphe. Wabona umbono. Wayazi ukuthi yikuphi okwakulungile.

UBalami wabona umbono, noma kunjalo akahlalanga naLo.

144 Akunandaba ukuthi amaqembu ebandla lakhe asho kangakanani ukuthi, “O, Jobe, ubufanele wenze *lokhu*, ubufanele wenze *lokho*.” Ngisho nomkakhe, wathi, “Ukhuluma njengomuntu oyisiwula.” Niyabo? “Ngiyazi ukuthi iNkosi yathini. Ngiyazi ukuthi Yayidingani, futhi yilokho engikwenzile.” Niyabo, wahlala nalokho uNkulunkulu amtshela khona.

145 Qaphelani, uBalami esebenzisa indikimba-mbumbulu yakhe ngenxa kanembeza wakhe. Niyabo? Wathi, “Awu, ngizo—ngizothola. Ngizozama futhi.” Manje, nakho lapho oza khona, ngokwesibili. Bangaki abakaBalami esinabo kulobubusuku, othanda ukusebenzisa leyondikimba-mbumbulu kaMathewu 28:19. Ngenxa kanembeza wabo nje na? Bangaki ofuna ukusebenzisa uMalaki 4 ngenxa kanembeza wabo na? Bangaki ofuna ukusebenzisa uLuka 17:30 ngenxa kanembeza wabo nje na? Bangaki ofuna ukusebenzisa lezizinto, namanje, “Awu, ngiyakutshela, ngi—ngikholwa ukuthi bonke baxovekile kuLokho”?

146 Bese kuthi—ke nangu uBalami wayezama ukuthi, “Mhlampe mhlawumbe uNkulunkulu uxovekile. Ngizozama futhi, niyabo, ngibone ukuthi Utheni.” Manje, Uyayazi inhliziyoyakho. Qaphelani, uBalami wasebenzisa lendikimba-mbumbulu ngenxa kanembeza wakhe uqobo, ngoba, empeleni, wayefuna leyomali. Wayefuna lesosikhulu. Wayefuna lokho. Wayefuna lowomsebenzi. Wayefuna lesosikhundla, ukuba abukwe kuso, njengoDokotela u *S'bani-bani*. Ngakho wa—wa—wathi, “Ngizozama futhi.”

147 O, kwabakaBalamu ezweni kulobubusuku, izikhundla ezethenjisiwe, ukuthandwa ngabantu! He, o, he! Benza ndikindiki unembeza wabo ngabo. Ngenxa yamahlelo abo, bathi, “Uma wenza *lokho*, phum'uhambe. Ngiyazi uyindoda elungileyo, futhi siyakuthanda,” futhi yena uyindoda elungileyo, “siyakuthanda. Kodwa ungeke wakushumayela lokho. Imfundiso yethu—yethu ithi ungeke wakwenza lokho. UDokotela u *S'bani-bani* wathi kungalendlela. Manje ufanele ukukholwe ngalendlela, uma uhlala nathi. Manje, uma ufuna, ngiyazi ubenesikhathi esil'khuni, awu, ngizobona ukuthi ngeke yini ngakukhuphula, mhlawumbe ushintshe amabandla.” O, wena Balami! Uma uyazi intando kaNkulunkulu, uyayenza! UNkulunkulu akazukuwuguqula umqondo waKhe. Qhabo.

148 Into abengayedlula, iQiniso, lomyalo wakhe. Wathi, “Awu, ngizo—ngizozama futhi.” Qaphelani nango uBalami.



<sup>149</sup> Ngakho manje khumbulani, ngenkathi efika ebusukwini besibili, nalomuntu odumileyo omkhulu, wayesevele enonembeza wakhe usubuthuntu futhi usundikindiki, uNkulunkulu wamdedela wahamba. Manje, uNkulunkulu akawuguquli neze umqondo waKhe, kodwa Umnika intando yaKhe evumelayo. “Qhubeka-ke.” Kodwa wathola ukuthi akuzukusebenza.

<sup>150</sup> UNkulunkulu wayazi ukuthi kwakukhonani enhliziyweni kaBalami. Nakuba wayengumprofethi, Wayazi ukuthi wayebazonda labobagingqiki abangewele, futhi u—futhi uvele nje... wa—wayezofuna ukubaqalekisa, noma ikanjani. Futhi uNkulunkulu wayesevele emtshelile ukuba angakwenzi, kodwa nokho uyeza, wayefuna ukukwenza, futhi, ngakho uNkulunkulu wamyeka waqhubeka. UNkulunkulu wathi, “Qhubeka.” Manje, khumbulani, Akawuguquli neze umqondo waKhe.

<sup>151</sup> Qaphelani, kwakuyisifiso sakhe ukubaqalekisa. Abantu ayebathatha ngokuthi bayizinhlanga, wayefuna ukubaqalekisa. Wayefuna isikhundla. Wayengafuni ukuzilulaza ngabo, ngakho wacabanga ukuthi uma wayengahle enzele inkosi lesisenzo esincane, khona-ke wayezokhushulwa. UNkulunkulu akawuguquli neze umqondo waKhe noma iZwi laKhe.

Kodwa Uyokunika isifiso senhliziyo yakhe, senhliziyo yakho. Wakwethembisa lokho. Niyakwazi lokho na? Wethembisa ukukunika isifiso senhliziyo yakho. Futhi isifiso sakho masibe yiZwi likaNkulunkulu. Isifiso sakho masibe yintando yaKhe, kungabi neze yintando okungeyakho. Intando yaKhe! Uma E... UMcele into ethize, Akakuniki, thana, “NgiyaKubonga, Nkosi. Uyakwazi okuhle.”

<sup>152</sup> Bukani ngisho neNkosi uHezekiya, ngenkathi Ethumela lowomprofethi enhla lapho kuye, kwenziwa nguNkulunkulu, wayesethi, “Yalela indlu yakho. Uzofa.”

UHezekiya waphendulela ubuso bakhe odongeni wayesekhala kamunyu, wayesethi, “Nkosi Nkulunkulu, ngi—ngicela Unginake. Ngihambile phambi kwaKho ngenhliziyo ephelele. Ngifuna Ungivumele ngiphile kade ngeminyaka eyishumi nanhlanu.”

<sup>153</sup> “Kulungile.” UNkulunkulu wakhuluma kumprofethi, wathi, “Buyela emuva bese umtshela ukuthi Ngimzwile.”

Futhi wenzani na? Waletha ihlazo phezu kwaso sonke isizwe. Wokhela ukuthukuthela kukaNkulunkulu ngangokuthi Wayesezombulala. Kunjalo. Niyakwazi lokho. Ukuhlubuka kuNkulunkulu. Kwakuyobangcono kakhulu, ukusuka, isizwe, inkosi, nabo bonke, ukuba wayeqhubekile futhi wathatha into yokuqala kuNkulunkulu kuye.

Kodwa kwabonakala kul’khuni kumprofethi, ngenkathi umprofethi edingeka ukuba abuyele emuva futhi akhulume iZwi likaNkulunkulu kuye, emva kokuba esemtshelile. Kodwa

uNkulunkulu wathi, “Qhubeka.” Kodwa, niyabo, kwaletsa ihlazo.

<sup>154</sup> Wenzani uBalami na? Emva kokwazi intando kaNkulunkulu, futhi nokho wayephikelele, wayezokwenza, noma kanjani. Futhi wenzani na? Qaphelani. Akazange awuguqule neze umqondo waKhe. Wayekwazi okwakusenhliziyweni yakhe.

<sup>155</sup> Niyazi, uTomase, ngesinye isikhathi akakukholwanga nje. Qhabo, wa—wathi, “Qha, ngeke ngakukholwa lokho. Ukuba bengingathatha isandla sami bese ngisifaka ohlangothini lwaKhe, ngisifake ezipikilini zesandla saKhe, awu, manje-ke, manje-ke ngizo—ngizokukholwa-ke.”

Wathi, “Woza lapha, Tomase. Niyabo? Manje faka izandla zakho lapha.”

Manje, o, uTomase wathi manje, “YiNkosi yami noNkulunkulu wami.”

<sup>156</sup> Wathi, “Yebo, usubonile, futhi manje usuyakukholwa. Mkhulu kakhulu kangakanani umvuzo wabo, ongakaze abone futhi nokho akholwe!”

Abantu ngezinye izikhathi ngeke bamemukele uMoya oNgcwele ngaphandle uma bekhuluma ngezilimi. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, impela. UnguNkulunkulu olungileyo; Uyokunika isifiso senhliziyo yakho. Kodwa akunandaba ukuthi ukhuluma kakhulu kangakanani ngezilimi, futhi uphike leliZwi, usephutheni noma kanjani. Niyabo? Niyabo, awungeni ngokukhuluma ngezilimi. Ungena ngokugcina lonke iZwi. Lobo ngubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, uma ukholwa iZwi likaNkulunkulu. Niyabo?

<sup>157</sup> Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Ngiyakholwa ungaphiliswa, njengoba ngishilo kulokhu ukusa, uyoze ukhulume ngolimi olusha. Ngikwenzile, qobo lwami, futhi ngiyazi ukuthi kuyiQiniso. Ngiyazi ukuthi kuqinisile. Kodwa lesa akusiso isibonakaliso lesa, wena, ukuthi ungumntwana okhethiwe kaNkulunkulu. Niyabo? Qhabo, lutho nhlobo. Akazange athi. . .

“Abanengi bayakuza kiMi futhi bathi, ‘Nkosi, angiprofethanga yini futhi ngenze zonke lezizinto ezinkulu ngeGama laKho na?’ Iyothi, ‘Sukani kiMi, nina enenza okubi, Angizange nginazi.’”

<sup>158</sup> Nihluluma ngezilimi bese-ke nala ukubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu na? Kukhona okungalungile ndawondawo. Yebo, impela; noma yiziphi zalezizinto, noma yiziphi zalezo ziyalo uNkulunkulu azinikezayo. Kukhona okungalungile. Nje hlola unembeza wakho uqobo, bese ubona ukuthi—ubone ukuthi iBhayibheli lathini. Ngikhombise indawo ethize lapho khona othize abhaphathizwa egameni lika “Yise,

iNdodana, uMoya oNgcwele.” Niyabo? Akukho lapho. Kodwa, niyabo, ngezinye izikhathi ngenxa kanembeza wakho, wena uthi, “Awu...”

Wena uthi, “UNkulunkulu ukhuluma kwabesifazane mayelana nokuthi bafanele benze kanjani, ukuba bangazigqoki izikhindi nezinto, kodwa, uyazi, umelusi wathi...” Ngakho bathatha indlela elula.

<sup>159</sup> Bayazi ukuthi uNkulunkulu wathini ngakho Lapha. Niyabo? Impela, uNkulunkulu washo njalo.

Ngakho ba—ba—bafuna ukukwenza, noma kanjani, niyabo. Bazama ukuthola izaba. “Awu, ngicabanga ukuthi kungcono kakhulu. Ku—aku... Umoya awuvunguzi...” Ya.

Kodwa uNkulunkulu washo ngowesilisa ukuba agqoke okwehlukile kowesifazane. “Uma owesifazane egqoka ingubo efanele owesilisa, kwakuyisinengiso ebusweni baKhe.” Ngakho akulungile, yebo, futhi awufanele ukwenze. Qhabo. Niyabo? Ngakho, ngakho-ke, akulungile.

<sup>160</sup> Kodwa, niyabo, bazama ukuthola izaba, ukuthi, “INKosi yangitshela ukuba ngenze lokhu.” Angisho ukuthi Ayishongo, kodwa, buka, akusiyo intando yaYo ephelele. Kufanele kube yintando yaYhe evumelayo. Niyabona ukuthi Iyokwenzani na? Iyokonakalisa isigejane sonke. Yonakalisa lonke ikamu.

<sup>161</sup> Qaphelani lapha, uNkulunkulu akawuguqulanga neze umqondo waKhe, iZwi laKhe. Kodwa UnguNkulunkulu olungileyo, futhi uyokunika isifiso senhliziyo yakho, nakuba siphambene nentando yaKhe. Niyakukholwa lokho na?

Bukani, uNkulunkulu watshela uMose, “Yehlela lapho,” lomprofethi ogcotshiweyo. Wathi, “Yehlela lapho bese ukhuluma kulelodwala.” Selivele lishayiwe.

<sup>162</sup> UMose wehlela lapho ekuthukutheleni kwakhe, wacsha induku, wayesethi, “Nina bahlubuki, ngabe sifanele sinikhele amanzi kulelidwala na?” wayeselishaya idwala. Amanzi awaphumanga. Walishaya futhi; ayaphuma. Kwakuphambene nentando kaNkulunkulu. Kwabhidliza lonke icebo eBhayibhelini; uKristu wadingeka ashaywe okwesibili. Niyabo? UKristu washaywa kanye. Kwabhidliza lonke icebo. Kodwa Umnika intando yaKhe evumelayo. Manje-ke, kamuva, wathi, “Niyabo, sesinitholele amanzi. Ya, nginilethele wona, nina sigejane sabahlubuki!”

<sup>163</sup> UNkulunkulu wathi, “Woza lapha, Mose. Woza lapha. Khuphukela lapha esiqongweni... Ubuyinceku ethembekile.” Njengowesifazane enezicathulo ezingamahayihili. “Ugibelile, uyabo. Buka ngaleya. Uyalibona izwe lesithembiso?”

“O Nkosi!”

“Kodwa awuzukuwela. Uthathe intando yaMi evumelayo, ezansi lapha eDwaleni. Uzikhazimulise wena, uyabo, futhi

hhayi Mina. Uzingcwelise wena. Awungingcwelisanga Mina. Awuligcinanga iZwi laMi lasekuqaleni, engikutshele ukuba ukwenze.” Nokho, amanzi aphuma.

Ungabeka izandla phezu kwabagulayo futhi basinde. Ungaprofetha, noma ukhulume ngezilimi. Kodwa, into yile, gcina iZwi laKhe lasekuqaleni! UNkulunkulu akawuguquli umqondo waKhe, mngane. Ufanele ugcine ukuthuma kwaKhe, intando yaKhe.

“O, awu, lokho kwakungokwabafundi.”

<sup>164</sup> Akaguquki. Uma Esalokhu enaye umfundi, lokho ngukuthunywa okufanayo. “Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Akukaze kuguquke. Angeguquke.

Manje, wena ungathi, “Awu, ngiyakutshela, akusikho okwalolusuku.” O, wena kaBalami! Niyabo? Niyabo, uNkulunkulu akaguquki. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

<sup>165</sup> Bukani nje abakaBalami namhlanje. “O, ngiyazi, eBhayibhelini babebhaphathiza eGameni likaJesu, kodwa, buka, bonke abantu. . .”

Angikhathali ukuthi abantu wenzeni. “Alikho elinye iGama phansi kweZulu elinikiwe ebantwini eningasindiswa ngalo.” “Akukho kuthethelelwa kwesono, kuphela ngeGama likaJesu Kristu.” Ini, ukuthi ulunge kangakanani, ukuthi wenzani, lokho akuhlanganise lutho nakho. YiZwi likaNkulunkulu lasekuqaleni; ufanele uhlale naleLo. Whewu! Kulungile.

<sup>166</sup> “Ukulalela eZwini laKhe kungcono kunomhlathshelo.” Niyakhumbula ngalesosikhathi ngenkathi uSawulu ebuya.

<sup>167</sup> UBalami wayenesiphiwo sokukholwa futhi wayengasisebenzisa kweliphelele, lasekuqaleni iZwi likaNkulunkulu.

Amadoda amaningi nensimu namhlanje, neziphiwo zokuphilisa, abengenza into efanayo. Amadoda amaningi phandle lapha, abantu bekhuluma ngezilimi, abantu beprofetha, isiphiwo, bangasisebenzisela uMbuso kaNkulunkulu, kodwa abakwenzi. Bathatha. . . NoNkulunkulu uyababusisa, empeleni, uthola intando evumelayo. Kodwa bakwenzela ukuthandwa ngabantu, nezinjabulo, ukuzizuzela ngesingabo, bathengisa ngobuzibulo babo, njengoba kwenza uEsawu, niyabo, bathengisela enhlanganweni. Bathengisa, njengoba kwenza uBalami. Niyabo?

Abaningi kakhulu benza namhlanje into efanayo. Siyazi ukuthi lokho kunjalo. Bathengisa ngobuzibulo babo. Hhe! Abesifazane bezisho ukuthi banoMoya oNgcwele, begqoka izikhindi; owesilisa bebavumela kulawomapulpiti, abesifazane abaphungule izinwele emapulpiti; upende ebusweni babo,

begqoke izevatho zezenkolo. Isikhubekiso esikhulu ukwedlula zonke ebandleni kwesake saba khona.

<sup>168</sup> Uma nifuna ukwazi, emandleni ezepolitiki, ukuthi sikhathi sini onyakeni wombuso, bukanini ukuthi amaJuda akuphi. Bhekisisani ukuthi amaJuda akanjani, ngoba ayisizwe. Uma nifuna ukwazi ukuthi izizwe zimi kuphi, bhekisisani amaJuda.

Uma nifuna ukwazi ukuthi ibandla limi kuphi, bhekisisani abesifazane. Bhekisisani ukuziphatha phakathi kwabesifazane, ngoba ungothumele ibandla. Uma nibona ukonakala phakathi kwabesifazane, nithola ukonakala ebandleni. Ukuthi ubayini, uJezibele ozipendile, khona impela nje ibandla elibe yikho. Niyabo? Manje, lelo yiqiniso, futhi niyakwazi lokho. Niyabo? Uma nifuna ukwazi ukuthi ibandla likuphi, bhekisisani ukuziphatha phakathi kwabesifazane. Isizathu, uyilo, ibandla lingwesifazane.

Uma nifuna ukwazi isimo esikhona sobuzwe, bhekisisani amaJuda.

<sup>169</sup> Qaphelani, njengoba uNkulunkulu asho kuBalami, emva kokuba esezwe isinqumo esiqinisele-ngqo, iZwi, “Ungahambi.” Yebo, Wayesemtshela-ke, emva kokuba Esebonile enhliziyweni yakhe—yakhe, ukuthi kwakuzokwenzani; Umnika intando yaKhe evumelayo, ngakho Wathi, “Hamba.”

<sup>170</sup> Nawe ungenza into efanayo. Uma ungafuni ukuhamba eQinisweni, ungangamba futhi ube—ube nenkonzo enkulu. Impela, ungangwenza. Kodwa uthatha intando yaKhe evumelayo. Uhamba phezu kweZwi laKhe. Uyokuphumelelisa, impela. I. . .

Njengoba Enza uBalami nje. Wayeyimpumelelo, kodwa akakwazanga ukubaqalekisa labobantu. Akakwazanga ukukwenza. Isizathu, ngaso sonke isikhathi uma eqalekisa, wayebusisa. Niyabo, akakwazanga ukukwenza. Kodwa lapho esefika la eba ngophumelelayo khona enzuzweni yakhe ngempumelelo, wafundisa labobantu, ngoBalaki, ukuba baphinge. Waletha ekamu likaIsrayeli futhi wabaganisela, wathi, “Ngani, sonke simunye. Ngani, nikhonze uNkulunkulu ofanayo. Sinomprofethi enhla lapha; nani ninomprofethi ezansi lapho. Futhi sinemihlatshelo efanayo, uJehova ofanayo njengobobaba bethu. Manje, yini nonke ningavele nje nize futhi nihlangane nathi.”

IBhayibheli lathi, “Ungazihlanganisi phakathi kwabangakholwayo. Ungaboshelwa kanye nabo, nhlobo. Uma bengalikhohla, deda kubo.” Niyabo? “Phumani, nahlukane,” isho iNkosi, “futhi Ngiyonamukela.” Niyabo? “Ningathinti izinto ezingcolile.” Kunjalo. Ukungcola kwabo ngokumelana neZwi, nezinto ezinjalo, deda kukho. Ungakulaleli.

<sup>171</sup> Futhi lapha sithola ukuthi uBalami wehlela lapho futhi uqala ukufundisa abantu, futhi wayenokweduka. Futhi u—ugijima ngendlela kaBalami, ukuthi wenza kanjani,

futhi wafundisa uBalaki, nabantwana bakwaIsrayeli ukuba baphinge. Nenhlupheko yashaya isizwe sakwaIsrayeli, abantu, nezinkulungwane zabo zafa ngosuku olulodwa.

Futhi ngenkathi bonke beselapho, phambi kwe altare likaNkulunkulu, bekhuleka, naku kufika indoda engumIsrayeli nowesifazane wakwaMidiyani, owesifazane wehlelo, wayesengena ethendeni. Nendodana yompristi yahamba yawelela lapho, yase ithatha ijavelini umkhonto wokuphosa yase ibabulala bobabili. Nalokho kwamisa ulaka lukaNkulunkulu. Niyawazi lowo ngumBhalo. Kunjalo na? Niyabo?

<sup>172</sup> Kodwa kwenzekani na? UBalami, waphumelela ekuqedeni uIsrayeli amandla. Wenzani na? Waqeda amandla ikamu labo. UNkulunkulu wamededela wahamba futhi waqeda amandla ikamu labo, futhi konakalisa ikamu lonke.

Futhi uma kuqala imfundiso ethize, engesilo iQiniso leBhayibheli, yonakalisa ikamu lonke. Omunye usukuma nombono owehlukile, njengoKora, futhi athi, “Awu, *lokhu, lokho, nokunye*, futhi nginemibono eyehlukene,” konakalisa ikamu lonke. Futhi yilokho okwenze lonke ikamu lebandla namhlanje. Kunjalo.

<sup>173</sup> Efundisa njengoba enza, eqeda amandla lonke ikamu laseKadeshi-barineya, iZwi lamanqamu. Ngenkathi befika eKadeshi-barineya, ngaleyonkathi, ukuqedwa amandla kwekamu. Bayabuya. Babehambe kahle emva . . .

Khumbulani, babedle ukudla kwezingelosi. BabeneZwi likaNkulunkulu, njalo ebusuku, libonakaliswa. Futhi badla ukudla. Baphuza edwaleni. Benza bonke, bazibona izimangaliso. Bambhekisisa uMose, futhi balibona izwi lakhe, bazibona iziprofetho zakhe, yonke into.

Kwase kuthi-ke ekugcineni ngenkathi belalela lomfundisi wamanga, wangena phakathi kwabo wayesefundisa okungalungile, waqeda amandla ikamu amandla, futhi waphumelela ngakho.

Angahle ukuba wakha izakhiwo zamadola ayisigidi. Angahle ukuba wayenamahlelo amakhulu. Angahle ukuba wenezela izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, futhi wenza imisebenzi emikhulu, nemisebenzi enamandla, futhi wayengumprofethi. Kulungile lokho, kodwa, inqobo nje uma kungekanye neZwi likaNkulunkulu, kungcono udede kukho.

UNkulunkulu akawuguquli umqondo waKhe. Hlala neZwi laKhe ngqo, ngoba yilokho okuzophuma ekugcineni, iZwi, iZwi ngeZwi. “Oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo!” Lifanele lihlale, leloZwi.

<sup>174</sup> Manje lalalani ngokusondela manje. Ngenkathi kufika ukuhlola kweZwi, ngenkathi bewela futhi bababona

abaphikisana nabo bebakhulu kakhulu, abaphikisana nabo abakhulu ukwedlula bonke abake bababona, ama-Amaleki wayephindwe kashumi ngokosayizi wabo. Bathi, “Sibukeka njengezintethe. Izintango zawo, noma imizi yawo ibiyelwe kakhulu angaze adlale umjaho wezinqola ezungeza, izinqola ezimbili, ehamba ngamakhulu amandla, ezungeza izindonga, niyabo, zemizi yawo. Ngani, imikhonto yawo iphumele le, mide. Futhi ayizidlakela. Ngani, sibukeka sifana nezintethe. Ngeke sakwenza.

Futhi amadoda amabili ama kuleloZwi, uKalebi noJoshuwa, athi, “Ake nilinde umzuzu! Ninabantu eniyizigidi ezimbili thulani du umzuzu nje. Sinamandla kakhulu ukukwenza. Niyabo, sinamandla kakhulu kunokuqhathaniswa nabo.”

Babesekeleke kukuphi na? UNkulunkulu wathi, “Ngininike izwe. Ngelenu.” Futhi bama lapho. Kodwa abantu base beganiselene, phakathi kwezinye izinto, nazo zonke izinhlobo zezivumokholo nezinkambiso zezinkonzo phakathi kwabo, futhi nje bebuthakathaka, bentengentenge, bengazi ukuthi bazophendukela ngaphi nokuthi benzeni. Kunjalo. Nakho kufika ukuhlola kweZwi.

<sup>175</sup> Nokho, Ukunika imvume yokuba wenze, uvumela intando yakho, intando evumelayo, azi ukuthi... Okusenziziyweni yakho, Uyakwazi.

Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, ngenza *ukuthi-nokuthi*. Akungihluphi. UNkulunkulu uyangibusisa nsuku zonke. Ngihlabelela eMoyeni. Ngisina eMoyeni. Ngi...” Uyokuvumela. Qhubeka. Kunjalo. Kodwa uyokwenzenjani na?

<sup>176</sup> “Ngigqoka izikhindi, futhi ngenza *lokhu*. Akungihluphi. Ngiyazi ukuthi ukukholwa kwami kukuKristu, hhayi kulokho engikugqokayo.”

Kodwa, iBhayibheli lathi kukhona into ethize, futhi. Niyabo? Uyokwenzenjani na? Uyokwenza isikhubekiso, njengoba kwenza uBalami, phambi kwabo bonke abanye besifazane. Uyokwenzenjani emantombazaneni akho asemancane na? Uyoba nesigejane soRickettas, kunjalo impela, isigejane soJezibele abancane abazipendile. Niyabo?

<sup>177</sup> Kodwa uNkulunkulu uyokuphumelelisa. “Ngani, Uyangibusisa.” Angikungabazi lokho. Wabusisa uBalami, futhi. Niyabo? Impela Uyokwenza. Uyohamba entandweni yaKhe evumelayo, hhayi intando yaKhe ephelele. UNkulunkulu akawuguquli umqondo waKhe, ngoba Uyakubusisa.

Wabusisa uIsrayeli khona phandle lapho iminyaka engamashumi amane. Benzani na? Baganwa abafazi, bakhulisa imindeni, banga abantwana, bakhokha izishumi zabo, bahlala khona phandle lapho. NoNkulunkulu wabusisa ehlane, wabondla ngemana, njalo njalo. Futhi bonke babhubha, ngoba abazange bagcine eyaKhe yasekuqaleni, evumelayo... Intando

yaKhe yasekuqaleni, iZwi laKhe. Bathatha indlela yaKhe evumelayo.

<sup>178</sup> Qhubeka, kodwa, ukhumbule, ngenkathi besuka eKadesh, ababange besahamba neze baqhubekele phambili. Bavele nje bahamba bezungeza bezungeza, ehlane. Lapho, ngabe baphuma, ezinsukwini ezimbili emva kwalokho, ngabe base besezweni lesithembiso. Bahamba iminyaka engamashumi amane, futhi bonke bafa ngaphandle kukaJoshuwa noKalebi, labo abahlala neZwi lasekuqaleni.

<sup>179</sup> O Nkulunkulu, sisize. uNkulunkulu akayiguquli intando yaKhe. Akawuguquli umqondo waKhe, kodwa Uyokubusisa.

Impela, Wambusisa uBalami. Futhi wenzani ezansi lapho na? Walona lonke ikamu. Niyabo, ufanele uhlale kulokho Akusho. Akaliguqulanga neze icebo laKhe lasekuqaleni.

<sup>180</sup> Manje bukani abakaBalami namhlanje, ensimini, ubungabuka. Qalaza nje. Bephumelela, bekhuluma ngezilimi, impela, besebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu ukuba bazuze, yonke into, impela. Kodwa kona lonke ibandla likaNkulunkulu ngokufundisa kwabo okonakele. Kunjalo.

Oyedwa wathi kimi, wathi, “Ukwenzela ini *lokhu* na? Ukwenzela ini *lokho* na?”

Ngathi, “Awukukholwa yini ukuthi Lelo yiQiniso na?”

<sup>181</sup> “O, yebo. Kodwa,” wathi, “uyaz’uk’thini? Lowo akusiwo umsebenzi wakho. Ufanele ukhulekele abagulayo. Bakukholwa ukuthi ungumprofethi. Ngani, ubungafundisa labo besifazane ukuthi kanjani, nalabo isilisa, ukuthi bakwenze kanjani *lokhu*, *lokho*, *nokunye*.”

“Ungabafundisa kanjani ongwaqa bengeke babafunda ngisho noABC babo na? Hhe? Hhe? Ungabafundisa kanjani lezozinto bengeke bayithatha nencwadi yakwa a?” Niyabo? Ufanele ubuye futhi uqale lapho owaqala khona, noma lapho owashiya khona, bese uthatha lonke iZwi likaNkulunkulu.

<sup>182</sup> Kubukeni nje ensimini namhlanje. Njengoba uBalami waganisela ibandla likaNkulunkulu, isifebe, waganisela isifebe ebandleni likaNkulunkulu, kanjalo nalababafundisi bamanga namhlanje bezama ukunitshela. Bazoziganisela zonke lezizihlangano nalababantu esifebeni esidala saseSambulweni 17. Imfundiso yabo kaBalami izungeza namhlanje, futhi ithi, “Siyafana nje. Sonke singamaKristu.” Nabapristi nophapha, nokunye, bonke bexegisa futhi benza lokhu.

<sup>183</sup> Umshumayeli wathi; ngazi ngisho umshumayeli wePentecostal, bonke, baqale manje benikana isinkwa ikosha esiyindingilizi. Okuchaza ukuthi, *Ashtoreth*, u “nkulunkulu-wenyanga,” isinkwa esilucwecwana esiyindingilizi ikosha. Uthi, “Vala amehlo akho bese usithatha, uma silimaza unembeza wakho.” Vala amehlo akho? Isinkwa



esilucwecwana esiyi ndingilizi, sichaza ukuthini na? Sithatha umzimba ohleshuliwe, uJesu Kristu, ohleshuliwe; hhayi unkulunkulu wenyanga oyindingilizi, uAshtoreth, uMariya athatha indawo yakhe. Nekosha isinkwa samaRoma sisalokhu siyindingilizi, ngonkulunkulu wenyanga, unkulunkulukazi, hhayi unkulunkulu. Thina sinesinkwa ikosha esihleshuliwe, impela. O!

<sup>184</sup> Ngakho manje isifebe esikhulu saseSambulweni 17, lababafundisi bakaBalami nemfundiso yabo yamanga, iganisa ibandla kulolohlobo lwenxovanaxova. Bhekisisani uma sekuza kwelamanqamu esikhathini sokugcina, bukani ubuthakathaka bakho manje. Izinhlangano ezehlukene ezingamakhulu ayisishiyagalolunye nento, enye idonsa ngendlela eyodwa, nenye ngenye. Akukho-bunye phakathi kwazo. Futhi zizama ukuletha ubunye; obungasekeliwe yiZwi likaNkulunkulu, icebo likaNkulunkulu lasekuqaleni. Balifaka ngepolitiki nenhlangano.

UNKulunkulu akawuguquli umqondo waKhe. Uhlala neZwi laKhe ngqo. Wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi ngeke.” Kunjalo. Uhlala neZwi laKhe lasekuqaleni. O, he!

<sup>185</sup> Nakuba besadlinza ngokumelana naLo, njengoba benza nje, futhi nje. . . Yinye kuphela into okumele yenziwe. Angeke aLiguqule. Kholwa nje. Ngoba, kokubili amazulu nomhlaba kodlula; iZwi laKhe alisoze lehluleka. Niyabo?

<sup>186</sup> Niyabona ukuthi niya ekuganeni kuphi na? Niyayibona ipolitiki nezinto, ukuthi bazama kanjani ukhlanganisa amabandla ndawonye ngepolitiki ebandleni na? Asihlanganisiwe kuKristu ngepolitiki.

Sihlanganiswa, iBandla, kuKristu, ngombhaphathizo kaMoya oNgewe. Futhi indlela owazi ngayo umbhaphathizo kaMoya oNgewe, yingoba lowoMoya kuwe ukhomba lonke iZwi likaNkulunkulu ukuthi liyiQiniso. Kunjalo. “Ngokuba yilowo nalowo oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila.”

<sup>187</sup> Nokho, “Uyaphumelela,” wena usho njalo. Ungeke walikholwa Lelo ngempumelelo. Ungeke wamehlulela uNkulunkulu ngempumelelo. Izwe liyaphumelela. UBalami waphumelela ngakho.

Kodwa, mfowethu, wehlulela uNkulunkulu ngeZwi laKhe. Uyaligcina iZwi laKhe futhi aLikhombe ukuthi liyiQiniso. Ngakho khumbula, mngane, inqobo nje uma usaphila, ungalokothi ukukhohlwe lokhu. UNkulunkulu akawuguquli umqondo waKhe. Nokho, Uyobusisa. Uyokudedela uhambe ngentando yaKhe evumelayo, kodwa angeke Awuguqule umqondo waKhe. Angeke aliguqule icebo laKhe. Angeke aliguqule iZwi laKhe, ngawe. Qhabo, mnumzane.

Ufanele uguquke. Ungeke waba neZwi lkaNkulunkulu ukuqhathanisa isehlakalo sakho; ufanele ube nesehlakalo sakho ukuqhathanisa iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Yileyondlela onakho...

Nithi, “Awu, ngingumuntu olungile. UNkulunkulu wenza *lokho, lokhu, noma okunye*.” Kodwa uyaligcina iZwi laKhe na? “O, awu, ngizokutshela, lokho hhayi nje...Qha.” Kulungile, kukhona okuthize okungalungile ndawondawo. UNkulunkulu uyahamba...Yebo, Uzokuphumelelisa. Impela, Uzokwenza...

<sup>188</sup> Amahlelo liyaphumelela kulowo obengeke abe nakho! Asabalalisa amathende awo, amakhulu, amabandla amahle, nakho konke, ezweni lonke. Acebile, nemali ithululeka phakathi, namalunga avela ndawo zonke. Alishongo yini iBhayibheli, “Kwatholakala kuso ngisho nemicebo yezwe, futhi ngisho nemiphefumulo yomuntu,” nakho konke, okwatholakala kulesisifebe esidala, esingunina wayo yonke into, ipolitiki nenhlangano?

<sup>189</sup> Kodwa iqembu elincane likaNkulunkulu nguMlobokazi waKhe, emi maphakathi naleloZwi. Kwangathi uBaba waseZulwini oThandekayo angalokhu enigcine njalo niqinile khona lapho. Ningalokothi nigudluke kuleloZwi.

Ningahle nibusise, ningahle...UNKulunkulu angaphilisa abagulayo benu. Angaphilisa ingane yakho egulayo. Angaphilisa indoda yakho egulayo, umkakho. Angaphilisa unyoko, omunye umuntu. Ungagxuma eMoyeni waKhe, futhi usine phansi-phezulu.

Khumbulani, imvula inela abalungile nabangalungile, ngokufanayo nje. Kodwa uma leyombewu ilele lapho, kuphakathi kokuthi imiselwe noma ayimiselwe. Futhi uma imiselwe, ina...Uma ingukolo, izofanele ithele ukolo. Uma kuyiZwi likaNkulunkulu, lizofanele liveze iZwi likaNkulunkulu. Uma kungesilo, awu, khona-ke akusilo. Niyabo? Niyakuthola lokho manje na?

<sup>190</sup> INkosi inibusise. Lapha nginitshele ukuthi bengizoyeka ngelesishiyagalolunye nqo, futhi nakhu, imizuzu engamashumi amabili kushaye eleshumi. Abaningi benu bantu, izindlela ezinde enisazozihamba. Ngiyanithanda. Nesizathu sokuba nginibambe kanje, akungoba ngifuna ukuba nonya kini, kodwa ngiyanithanda. Futhi engikwaziyo, angigodli lutho; nginitshele iQiniso.

<sup>191</sup> Phandle emihlanganweni lapho engiya khona, aningizwa neze ngishumayela lemiLayezo. Qhabo, nganethembisa, ukuza kulelitabernakele. Khona lapha yilapho engishumayela khona imiLayezo yami. Nginemithathu noma emine eminye lapha, iNkosi enginike yona, nginemiBhalo kuwo, ebengegeke ngaba nesibindi sokuwushumayela noma kuyiphi indawo kodwa khona lapha. Nakhu lapho iZwi likaNkulunkulu laqala ukusukela

khona. Futhi, uNkulunkulu aze akuguqule, ngihlezi khona lapha futhi ngiwethula khona lapha. Kunjalo.

Ngaphandle ngaleya emihlanganweni, ngikhulekela abagulayo, nakho konke kanjalo; futhi, eceleni, ngisho izinto ngendlela ezungezayo, ukuthi izimvu ziyaWuzwa. Ziyazi ukuthi ukhuluma ngani. Ngokunye, yisicupho nje ehukwini, niyabo. Ngibonisa izibonakaliso zo—zokuzama ukubonisa ukuthi uNkulunkulu uyazi, ekuboneni okufihlakeleyo, futhi wazi izinhliziyu zabantu, futhi wenza lezizinto. Leso yisiphiwo sobuvangeli, nje ukushukumisa abantu.

Into yokuqala niyazi, iteyipu iqathakela endlini yabo. Lokho sekutholile, ngaleyonkathi. Uma eyimvu, uza naWo ngqo. Uma eyimbuzi, uyayikahlela iteyipu ayikhiphe. Ehhe. [UMfowethu Ben Bryant uthi, “Nawe, futhi.”—Umhl.] Niyabo, lokho yi. . .” Nawe, futhi,” kunjalo, Ben. Lokho, kunjalo impela. UBen ubenesehlo esithize. Kulungile. Awu, kunjalo.

<sup>192</sup> Anijabuli yini ukuthi ningabaKhe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Anijabuli na? [“Amen.”] Sasivame ukucula iculo elincane lepentekoste, kudala, kanje:

Ngijabula kakhulu ukuthi iNkosi yangikhipha;  
Ngijabula kakhulu ukuthi iNkosi yangikhipha;  
Ukuba kwakungenganxa kaJesu, ngangiyoba kuphi?

Ngijabula kakhulu ukuthi iNkosi yangikhipha.

O, kade ngijabule selokhu iNkosi yangikhipha;  
Kade ngijabule selokhu iNkosi yangikhipha;  
Ukuba kwakungenganxa kaJesu, ngangiyoba kuphi?

Ngijabula kakhulu selokhu iNkosi yangikhipha.

Kade ngimemeza selokhu iNkosi yangikhipha;  
Kade ngimemeza selokhu iNkosi yangikhipha;  
Ukuba kwakungenganxa kaJesu, o, ngangiyoba kuphi?

Ngijabula kakhulu ukuthi iNkosi yangikhipha.

Udumo! Anijabuli na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Anijabuli yini. . .” Asilicule.

Awujabuli yini ukuthi iNkosi yakukhipha?  
Awujabuli yini ukuthi iNkosi yakukhipha?  
Ukuba kwakungenganxa kaJesu, o, ngangiyoba kuphi?

Ngijabula kakhulu ukuthi iNkosi yangikhipha.

Awu, kade ngicula selokhu iNkosi yangikhipha;

Kade ngicula selokhu iNkosi yangikhipha;

Ukuba kwakungenganxa kaJesu, o,  
ngangiyoba kuphi?  
Ngijabula kakhulu ukuthi iNkosi yangikhipha.

Anijabuli ngakho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]  
Manje-ke, sizohamba ekuKhanyeni. Niyalazi leloculo na?

Sizohamb'ekuKhanyeni, KungukuKhanya  
okuhle,  
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa  
ekhanya khona;  
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,  
O, uJesu, ukuKhanya kwezwe.

Anilithandi lelo na? Asilicule futhi.

Sizohamb'ekuKhanyeni, KungukuKhanya  
okuhle,  
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa  
ekhanya khona;  
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,  
O, uJesu, ukuKhanya kwezwe.

Ngukuphuma kwelanga!

Nonke nina bangwele bokuKhanya  
memezelani,  
UJesu, ukuKhanya kwezwe;  
IQiniso nomusa eGameni laKhe,  
UJesu, ukuKhanya kwe . . .

Manje asiphakamise izandla zethu uma silicula.

O, sizohamba kulokhu ukuKhanya,  
Kungukukhanya okuhle, kangaka,  
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa  
ekhanya khona;  
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,  
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Xhawulanani.

O, Kufika lapho amathonsi amazolo omusa  
ekhanya khona.

Anijabuli ukuthi ningabantwana bokuKhanya na? Indodana  
isiphumile.

. . . ndawo zonke emini nasebusuku,

“Nina bantwana abancane, thandanani.”

. . . ukuKhanya kwezwe.

O, siyohamba nje ekuKhanyeni, Kunguku  
 beauti-... (ukubonakaliswa kweZwi laKhe)  
 Kufika lapho amathonsi amazolo omusa  
 ekhanya khona.  
 Nje kusikhanyisa ndawo zonke emini  
 nasebusuku,  
 NguJesu, ukuKhanya kwezwe.

Nonke niyakukholwa na?

Siyamasha siya eZayoni,  
 Enhle, enhle iZayoni;  
 Siyamasha senyukela eZayoni,  
 LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

O, siyamasha siya eZayoni,  
 Enhle, enhle iZayoni;  
 Siyamasha senyukela eZayoni,  
 LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

Yekela labo abala ukucula,  
 Abangazange bamazi uNkulunkulu wethu;  
 Kodwa abantwana beNkosi yaseZulwini  
 Kodwa abantwana beNkosi yaseZulwini  
 Bakhulume izinjabulo zabo ngaphesheya,  
 Bakhulume izinjabulo zabo ngaphesheya.

Ngokuba siyamasha... (Udumo!)  
 Enhle, enhle iZayoni;  
 Siyamasha senyukela eZayoni,  
 LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

O, siyamasha siya eZayoni,  
 O, enhle, enhle iZayoni;  
 Siyamasha senyukela eZayoni,  
 LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

<sup>193</sup> Khipha iduku lakho. Khiphani amaduku enu, umzuzu  
 nje. Asinike uNkulunkulu umnikelo wokuzuliswa. Akusiso  
 isithungu, kodwa bathatha emzimbeni kaPawulu amaduku  
 nezinto, niyabo.

O, siyamasha siya eZayoni,  
 O, enhle, enhle iZayoni;  
 Siyamasha senyukela eZayoni,  
 LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

O, siyamasha siya eZayoni,  
 O, enhle, enhle iZayoni;  
 Siyamasha senyukela eZayoni,  
 LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

<sup>194</sup> Amen! O, akunenzi nizizwe nikahle na? Sengathi ngiyabona  
 nje labo abangcwele abadala emuva lapho, ngaphambi  
 kokuyongena esekisini yamaRoma lapho, beqala ukwenyuka

lelogquma, niyazi, enhla kulowommango omncane, benyuka beyongena emphandwini wezingonyama, bethi;

O, siyamasha siya eZayoni,  
Lena enhle, enhle iZayoni;  
Siyamasha senyukela eZayoni,  
LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

Amasimu aseZayoni iyathela  
Inkulungwane yamanandi angcwele  
Ngaphambi kokuba sifike esiHlalweni  
sobuKhosi saseZulwini,  
Ngaphambi kokuba sifike esiHlalweni  
sobuKhosi saseZulwini,  
Noma sihambe emigwaqeni yegolide,  
Noma sihambe emigwaqeni yegolide.

Siyamasha siya eZayoni,  
Enhle, enhle iZayoni;  
Siyamasha senyukela eZayoni,  
LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

<sup>195</sup> Phindani emva kwami. Nkosi Nkulunkulu, [Ibandla lithi, “Nkosi Nkulunkulu,”—Umhl.] Ngizenzela isifungo kabusha kuWe. [“Ngizenzela isifungo kabusha kuWe.”] Ngihlanze kukho konke ukungalungi. [“Ngihlanze kukho konke ukungalungi.”] Ngihlanze kukho konke ukungabaza eZwini laKho. [“Ngihlanze kukho konke ukungabaza eZwini laKho.”] Makuthi mina, kusukela kuleliPhasika, [“Makuthi mina, kusukela kuleliPhasika,”] ngibe yisidalwa esisha [“ngibe yisidalwa esisha”] kuKristu Jesu. [“kuKristu Jesu.”] Mangithwale, enhliziyweni yami, [“Mangithwale, enhliziyweni yami,”] iZwi laKho. [“iZwi laKho.”] Kwangathi Lingaba yisiBani ezinyaweni zami [“Kwangathi lingaba yisiBani ezinyaweni zami”] esizoKhanyisa indlela yami. [“esizoKhanyisa indlela yami.”] Kusukela emva kwalokhu, [“Kusukela emva kwalokhu,”] ngizoKulandela. [“ngizoKulandela.”] EGameni likaJesu. [“EGameni likaJesu.”] Amen. [“Amen.”]

Siyamasha siya eZayoni,  
O, enhle, enhle iZayoni;  
Siyamasha senyukela eZayoni,  
Lowomuzi omuhle kaNkulunkulu.

<sup>196</sup> Lokho akunenzi nizizwe nikahle na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Sizenzele isifungo kabusha, sazi ukuthi enhliziyweni yethu siphilisiwe ekufeni, senziwa saphila. Akunenzi nizizwe nikahle na? [“Amen.”] He, o, he! Ngiyanithanda, ngothando olungafiyo.

Lalalani. “Thandanani. Ngokuba ungeke uthi ungamthandi umfowenu, ombonayo, bese uthi uthanda uNkulunkulu, Ongakaze umbone.” Niyabo? Ngakho thandanani.

Manje-ke, khonzanani, nikhonze uNkulunkulu. Kunjalo na? “Njengoba nenza kwabancinyane balaba onaMandla aphilisayo kubo, nikwenzile kiMi.”

“SaKubona nini udinga na? SaKuvakashela nini usetilongweni na? Sazenza nini lezizinto na?”

“Enikwenzile kubo, nakwenza kiMi.”

<sup>197</sup> Akumangalisi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngiyamthanda, animthandi nina na? [“Amen.”]

<sup>198</sup> O, kukhona elinye futhi iculo esizolicula, uma nje ninaso esinye isikhathi esiwumzuzu. O, awu, sizobathatha nje. Kulungile. Kulungile, mnumzane. O! *Hamba NeGama LikaJesu*. Ningakukhohlwa lokho, bangane. Asilicule sonke manje. Ngamunye, kanyekanye manje, ngenhliziyo eyodwa nje enkulu, kuthatheni nikuyise kuYe. Asithi, ngakho konke esinakho phakathi kithi.

Hamba neGama likaJesu,  
Mntwana wokudabuka nowosizi;  
Liyakukunikeza injabulo nentokomalo,  
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!  
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;  
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!  
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

<sup>199</sup> Khumbulani manje, ngikhulekeleni lapho imimoya eshisayo yokuhlushwa ivunguza, lapho odeveli macala onke ephosa inselelo, ngiyokhumbula ukuthi niyangikhulekela ebusuku noma emini, futhi ngizobe nginikhulekela.

Yimani ngakumelusi wenu olungileyo, uMfowethu Neville, nabambisene naye, uMfowethu Capps. Nibalalele. Bazonifundisa iZwi lokuPhila. Ngiyakukholwa lokho. Ukuba bengingakukholwa, impela bengingeke ngibe nabo lapha. Impela bengingeke. Ngikhohwa ukuthi bayawukholwa uMlayezo, futhi bahlala nawo ngalo lonke ulwazi lwabo, futhi nginokukholwa kuwo omabili indoda. Hlalani nawo. Laba abanye abafowethu, ngalapho abanomhlangano wabo khona, abame lapha kulobubusuku, uma ningakomakhelwane babo, yimani ngakubo. Nizwile ukuthi bezela ukuzokwenzani lapha, kulobubusuku.

Hamba neGama likaJesu,  
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka; (lalela lokhu)

Uma izilingo zikuzungeza,  
Vele uphefumule leloGama ngomkhuleko.

Gama eliligugu, Gama eliligugu, Olimnandi kangaka!  
O limnandi kangaka!  
Themba lo . . .

Nkulunkulu othandekayo, philisa abantu. Ngikhuleka kuWe Baba, eGameni likaJesu. Siphe khona, Nkosi, ngiyakhuleka.

. . . O limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Size sibonane! size sibonane!

Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;

Size sibonane! size sibonane!

UNkulunkulu abenani size sibonane futhi.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *UNkulunkulu Abe NaNi—Umhl.*] O Nkulunkulu, yiba nathi. Sisize, Nkosi.


. . . sibonane ezinyaweni zikaJesu! (size sibonane!)

Size sibonane! size sibonane!

UNkulunkulu abenani size sibonane futhi.

<sup>200</sup> Lowo ngumthandazo wami ngempela. Size sibonane futhi, uNkulunkulu anibusise! Futhi manje ngizocela uMfowethu Neville oligugu uma ezokhipha lenhlangano enhle.

UNkulunkulu uyanithanda, ngamunye. Ngibonga kakhulu ukuba nabantu abanjengani nonke. Ubungaba yini uMlayezo wami ukuba bengingenamuntu oWukholiwe na? Futhi kukhona abantu lapha, beningaWufela, ngaloMlayezo. UNkulunkulu akanisize, ngamunye. Imikhuleko yami inani. Izibusiso zami zihamba nalowo nalowo wenu. Kwangathi ningekhohlwe ukuthi niyingxenye kulokho kuvuka. AMandla aphilisayo manje asekini. Konke sekuxazululiwe. Ungumntwana kaNkulunkulu.

Asikhothamise amakhanda ethu, aze uMfowethu Neville asikhiphe. Futhi uNkulunkulu anibusise. 



*NGABE UNKULUNKULU UKE AWUGUQULE YINI  
UMQONDO WAKHE NGEZWI LAKHE NA? ZUL65-0418E*  
(Does God Ever Change His Mind About His Word?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoApreli 18, 1965, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2008 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)